


*IsiTatimende soHlelo lweziFundo
lukaZwelonke (uTAHFUZWE)*

*IsiTatimende seNqubomgomo
yoHlelo lweziFundo nokuHlola*



*IsiGaba esiPhakeme
AmaBanga 7-9*



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**ISITATIMENDE SENQUBOMGOMO YOHLELO
LOKUFUNDA NOKUHLOLA
AMABANGA 7-9**

ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA

DISCLAIMER

In view of the stringent time requirements encountered by the Department of Basic Education to effect the necessary editorial changes and layout to the Curriculum and Assessment Policy Statements and the supplementary policy documents, possible errors may occur in the said documents placed on the official departmental websites.

There may also be vernacular inconsistencies in the language documents at Home-, First and Second Additional Language levels which have been translated in the various African Languages. Please note that the content of the documents translated and versioned in the African Languages are correct as they are based on the English generic language documents at all three language levels to be implemented in all four school phases.

If any editorial, layout or vernacular inconsistencies are detected, the user is kindly requested to bring this to the attention of the Department of Basic Education.

E-mail: capslangcomments@dbe.gov.za or fax (012) 328 9828

Department of Basic Education

222 Struben Street

Private Bag X895

Pretoria 0001

South Africa

Tel: +27 12 357 3000

Fax: +27 12 323 0601

120 Plein Street Private Bag X9023

Cape Town 8000

South Africa

Tel: +27 21 465 1701

Fax: +27 21 461 8110

Website: <http://www.education.gov.za>

© 2011 Department of Basic Education

ISBN: 978-1-4315-0522-7

Design and Layout by: Ndabase Printing Solution

Printed by: Government Printing Works

FOREWORD BY THE MINISTER



Our national curriculum is the culmination of our efforts over a period of seventeen years to transform the curriculum bequeathed to us by apartheid. From the start of democracy we have built our curriculum on the values that inspired our Constitution (Act 108 of 1996). The Preamble to the Constitution states that the aims of the Constitution are to:

- heal the divisions of the past and establish a society based on democratic values, social justice and fundamental human rights;
 - improve the quality of life of all citizens and free the potential of each person;
 - lay the foundations for a democratic and open society in which government is based on the will of the people and every citizen is equally protected by law; and
- build a united and democratic South Africa able to take its rightful place as a sovereign state in the family of nations.

Education and the curriculum have an important role to play in realising these aims.

In 1997 we introduced outcomes-based education to overcome the curricular divisions of the past, but the experience of implementation prompted a review in 2000. This led to the first curriculum revision: the *Revised National Curriculum Statement Grades R-9* and the *National Curriculum Statement Grades 10-12* (2002).

Ongoing implementation challenges resulted in another review in 2009 and we revised the *Revised National Curriculum Statement* (2002) and the *National Curriculum Statement Grades 10-12* to produce this document.

From 2012 the two National Curriculum Statements, for *Grades R-9* and *Grades 10-12* respectively, are combined in a single document and will simply be known as the *National Curriculum Statement Grades R-12*. The *National Curriculum Statement for Grades R-12* builds on the previous curriculum but also updates it and aims to provide clearer specification of what is to be taught and learnt on a term-by-term basis.

The *National Curriculum Statement Grades R-12* represents a policy statement for learning and teaching in South African schools and comprises of the following:

- (a) Curriculum and Assessment Policy Statements (CAPS) for all approved subjects listed in this document;
- (b) *National policy pertaining to the programme and promotion requirements of the National Curriculum Statement Grades R-12*; and
- (c) *National Protocol for Assessment Grades R-12*.

A handwritten signature in black ink, which appears to read 'Angie Motshekga'.

MRS ANGIE MOTSHEKGA, MP
MINISTER OF BASIC EDUCATION

OKUQUKETHWE

ISIGABA SOKU-1: ISINGENISO SESITATIMENDE SENQUBOMGOMO YOHLELO LOKUFUNDA NOKUHLOLA.....	3
1.1 Isendlalelo.....	3
1.2 Ukubuka ngamafuphi.....	3
1.3 Izinhloso ezivamile zohlelo lwezifundo lwaseNingizimu Afrika	4
1.4 Ukwabiwa kwesikhathi.....	6
1.4.1 Isigaba esiyisisekelo	6
1.4.2 Isigaba esiphakathi nendawo.....	7
1.4.3 Isigaba esiphakeme	7
1.4.4 Ibanga le-10 kuya kwele-12	8
INGXENYE YESI- 2: UKWETHULA ULIMI.....	9
2.1 Izilimi esiTatimendeni seNqubomgomo yoHlelo lweziFundo nokuHlola	9
2.1.1 Amazinga olimi.....	9
2.1.2 Amakhono olimi	11
2.1.3 Amakhono olimi	11
2.2 Ukwabiwa kwesikhathi solimi lwesibili lokwengeza	14
2.3 Izinsiza zokufunda nokufundisa	14
INGXENYE YESI-3: OKUQUKETHWE KANYE NOHLELO LOKUFUNDISA AMAKHONO OLIMI.....	16
3.1 Ukulalela nokuKhuluma	16
3.2 Ukufunda nokuBukela	23
3.3 Ukubhala nokwethula: inqubo, okuqukethwe, amasu nombhalo.....	28
3.4 Izakhiwo neZimiso Zolimi – uhla okuthathelwa kulo	33
3.5. Izinhlelo zokufundisa eziphakanyisiwe.....	34
3.6 Ithebula lokundlaleka kombhalo	36
3.6.1 iBanga lesi-7	39
3.6.2 Ibanga lesi-8	49
3.6.3 Ibanga lesi-9.....	61

ISIGABA SESI - 4: UKUHLOLA ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA 74

4.1 Isingeniso 74

4.2 Ukuhlola okungahlelekile noma kwansukuzonke 74

4.3 Ukuhlola okuhlelekile..... 74

4.4 Uhlelo lokuhlola..... 77

 4.4.1 Okudingekayo ngamafuphi 77

 4.4.2 Izivivinyo: Amabanga 7 – 9 79

4.5 Ukurekhoda nokubika..... 80

4.6 Ukumodareytha imisebenzi yokuhlola 81

 4.6.1 Ukuhlola okuhlelekile (SBA)..... 81

 4.6.2 Imisebenzi ukuhlola ekhulunywayo nelalelwayo 81

4.7 Okujwayelekile..... 81

IZINCAZELO ZAMAGAMA 82

ISIGABA SOKU-1: ISINGENISO SESITATIMENDE SENQUBOMGOMO YOHLELO LOKUFUNDA NOKUHLOLA

1.1. ISENDLALELO

IsiTatimende SoHlelo LweziFundo LukaZwelonke seBanga-R kuya kwele-12 (uTaHFuZwe) sikhombisa inqubomgomo yezinhlelo zezifundo kanye nezokuhlola emkhakheni wokufunda esikoleni.

Ukuze kwenziwe ngcono ukusetshenziswa kwaso, kwadingeka ukuthi kube nezichibiyelo ezithile ezizoqala ukusebenza ngoMasingana ngonyaka wezi-2012. Kwabe sekubhalwa umqulu owodwa odidiyele *IsiTatimende SeNqubomgomo YoHlelo LweziFundo NokuHlola* saleso naleso sifundo, okuwumqulu othatha isikhundla *zeziTatimende zesiFundo, umHlahlandlela woHlelo lokuFunda kanye nomHlahlandlela wokuHlola Izifundo eBangeni-R kuya kwele-12.*

1.2 UKUBUKA NGAMAFUPHI

- (a) *IsiTatimende SoHlelo LweziFundo LukaZwelonke seBanga-R kuya kwele-12 (kuMasingana ngonyaka wezi-2012) simele inqubomgomo yokufunda nokufundisa ezikoleni zaseNingizimu Afrika futhi siqukethe lokhu:*
- (i) *NesiTatimende seNqubomgomo yoHlelo LweziFundo nokuHlola kuleso naleso sifundo esifundwayo.*
 - (ii) *Umqulu weNqubomgomo, i-National Policy pertaining to the programme and promotion requirements of the National Curriculum Statement IBanga-R kuya kwele-12, kanye*
 - (iii) *Nomqulu weNqubomgomo, i-National Protocol for Assessment IBanga-R kuya kwele-12 kuMasingana ngonyaka we-2012).*
- (b) *IsiTatimende SoHlelo LweziFundo LukaZwelonke seBanga-R-12 (kuMasingana 2012), sithatha indawo yeziTatimende zoHlelo LweziFundo lukaZwelonke ezimbili ezikhona njengamanje; okuyilezi*
- (i) *IsiTatimende soHlelo LweziFundo LukaZwelonke Olubukeziwe IBanga-R kuya kwelesi-9, IGazethi KaHulumeni ye-23406 zingama-31 kuNhlaba ngonyaka wezi -2002 kanye*
 - (ii) *IsiTatimende soHlelo LweziFundo LukaZwelonke IBanga le-10 kuya kwele-12, IGazethi KaHulumeni ye-25545 ziyi-6 kuMfumfu ngonyaka we-2003 neye-27594 ziyi-17 kuNhlaba ngonyaka we-2005.*
- (c) *IsiTatimende soHlelo LweziFundo lukaZwelonke esibekwe sacaciswa esigabeni u-b(i) kanye no- (ii) siqukethe le miqulu yenqubomgomo elandelayo esizomiswa ukusetshenziswa kuthi esikhundleni sayo kungene isiTatimende soHlelo LweziFundo IBanga-R kuya kwele -12 kusuka ngonyaka wezi-2012 kuya kowezi-2014:*
- (i) *Isifundo / isiTatimende sesiFundo, umHlahlandlela woHlelo lokuFunda kanye nomHlahlandlela wokuHlola kwesiFundo IBanga-R kuya kwelesi-9 kanye neBanga le-10 kuya kwele -12;*
 - (ii) *Umqulu wenqubomgomo, iNational Policy on Assessment and Qualification for Schools in the General Education and Training Band okwashicilelwa kwaba umthetho kuGovernment Notice No.124 kuGovernment Gazette No. 29626 mhla ziyi-12 kuNhlolanja ngonyaka wezi-2007.*
 - (iii) *Umqulu weNqubomgomo, i-National Senior Certificate: iKhwalfikheshini yezinga lesi-4 kuNational Qualifications Framework (NQF), elishicilelwa laba semthethweni kuGovernment Gazette No. 27819 mhla zingama- 20 kuNtulikazi ngonyaka wezi-2005;*

- (iv) Umqulu weNqubomgomo, *isichibiyelo somqulu wenqubomgomo, weNational Senior Certificate: iKhwalfikheshini yezinga lesi-4 kuNational Qualifications Framework (NQF), ukubhekelela izingane ezinezidingo eziyisipesheli, elethulwa kuGovernment Gazette, No. 29466 mhla ziyi-11 kuZibandlela ngonyaka wezi-2006, lifakiwe nalo kulo mqulu wenqubomgomo, i-National Policy pertaining to the programme and promotion requirements of the National Curriculum Statement IBanga-R kuya kwele-12; kanye;*
- (v) Nomqulu wenqubomgomo, *isichibiyelo somqulu wenqubomgomo, weNational Senior Certificate: iKhwalfikheshini yezinga lesi-4 kuNational Qualifications Framework (NQF), ukubhekelela i-National Protocol for Assessment (IBanga-R kuya kwele-12), elashicilelwa laba semthethweni kuGovernment Notice No. 1267 kuGovernment Gazette No. 29467 mhla ziyi-11 kuZibandlela ngonyaka wezi-2006;*
- (d) Umqulu wenqubomgomo, *i-National policy pertaining to the programme and promotion requirements of the National Curriculum Statement IBanga-R kuya kwele-12, kanye nezigaba ezitholakala esiTatimendeni seNqubomgomo soHlelo lweziFundo nokuHlola njengoba kubekiwe ezahlukeni kusuka kwesesi-2, 3 kanye nesesi-4 kulo mqulu kuyingxenywe yemithetho nemigomo yesiTatimende soHlelo lweziFundo IBanga-R kuya kwele-12. Ngalokho-ke, ngokuka Section 6 A weSouth African Schools Act, 1996 (Act No.84 of 1996,) kwakha isisekelo sokuthi uNgqongqoshe weMfundo esemaZingeni aPhansi akwazi ukunquma imiphumela kanye nemigomo emincane nje okungasukelwa kuyo, kanye nenqubo, nendlela yokwenza ukuhlola kokuphumelela komfundi ukuba kusetshenziswe ezikoleni zomphakathi nalezo ezizimele.*

1.3 IZINHLOSO EZIVAMILE ZOHLELO LWEZIFUNDO LWASENINGIZIMU AFRIKA

- (a) *IsiTatimende soHlelo lweziFundo lukaZwelonke IBanga-R kuya kwele-12 sikhombisa lokho okuthathwa ngokuthi kungulwazi, amakhono namagugu adinga ukufundwa ezikoleni zaseNingizimu Afrika. Lolu Hlelo lweziFundo luhlose ukuqinisekisa ukuthi abafundi bathola babuye basebenzise ulwazi namakhono njengendlela ahambisana ngayo nezimpilo zabo. Ngale ndlela uHlelo lweziFundo lukhulisa ulwazi lwezimo abaphila kuzona, babenzwelo kuzibopho zomhlaba jikelele.*
- (b) *IsiTatimende SoHlelo LweziFundo LukaZwelonke seBanga-R kuya kwele-12 sihlose lokhu:*
 - Ukuhlomisa abafundi, noma ngabe bavela kuziphi izimo zenhlalo yomphakathi nezomnotho, ubuzwe, ubulili, ukukwazi ukusebenzisa umzimba nengqondo / ukuhlakanipha, ngolwazi, amasu nokungamagugu adingekayo ukuze bakwazi ukuzenelisa, nokubamba iqhaza elibonakalayo emphakathini njengezakhamuzi zezwe elikhululekile.
 - Ukuvumela abafundi ukuba bangene emikhakheni yemfundo ephakeme.
 - Ukwenza kube lula kubafundi ukwedlulela ezikhungweni zemisebenzi ngemuva kokuqeda esikoleni / imfundo yamabanga apha keme; kanye
 - Nokwedlulisela kubaqashi ulwazi oluphelele ngamakhono nakwazi ukukwenza ngempumelelo umfundi.
- (c) *IsiTatimende soHlelo lweziFundo lukaZwelonke seBanga-R kuya kwele -12 sesekwe yile migomo elandelayo:*
 - *Ukuguquka kwezenhlalo yomphakathi;* ukubhekelela ukungalingani kwezemfundo ngesikhathi esedlule ukuze kulungiswe, nokuthi amathuba okufunda alinganayo atholwe yiwo wonke umphakathi;
 - *Ukufunda ngokuphapheme nangokuhlolisisa;* ukukhuthaza indlela yokufunda ngokuphapheme nangokuhlolisisa ekufundeni , kunokuthi abafundi bamane bagxishe emakhanda lokho abanikwe khona bebe bengayiqondi incazelo yakho;

- *Ulwazi oluphakeme namakhono aphakeme*, ubuncane obemukelekile umthetho wokulinganisa ulwazi okumele luzuzwe ebangeni ngalinye kumele bucaciswe, kubekwe nemigomo ephezulu okumele izuzwe kuzo zonke izifundo;
 - *Inqubekela phambili yolwazi*; okuqukethwe nengqikithi yalelo nalelo banga kukhombise inqubekela phambili ukusuka kokulula kuya kokulukhuni.
 - *Amalungelo esintu, ukudidiyela, ubulungiswa bezemvelo nezenhlalo yomphakathi*; ukufaka imigomo nenkambiso yobulungiswa bezemvelo nezenhlalo kanye namalungelo esintu njengoba echaziwe kumThethosisekelo waseNingizimu Afrika. IsiTitimende soHlelo lweziFundo lukaZwelonke seBanga-R kuya kwele-12 (Jikelele) sinozwela ezindabeni zokwehlukahlukana kwesintu njengobuphofu, ukungalingani, ubuzwe, ubulili, ulimi, ubudala nokukhubazeka kanye nezinye izimo;
 - *Ukwazisa ngezinhlelo zolwazi lwendabuko*, ukwazisa ukunotha komlando namasiko aleli zwe, nomthelela obalulekile wokufundisa ngamagugu aqukethwe ngumThethosisekelo okube nawo njengomsuka wenguquko ukusiza ekuguquleni amagugu abafundi; kanye
 - *Nokukholakala, uhlonze kanye nokwenza ngempumelelo*, ukuhlinzeka ngohlobo lwemfundo olungaqhathaniseka ngokuqeqesheka nangazo zonke ezinye izindlela njengakwamanye amazwe.
- (d) Isitatimende Sohlelo LweziFundo Lukazwelonke seBanga-R kuya kwele-12 sihlose ukukhiqiza abafundi abazokwazi :
- Ukubona baxazulule izinkinga, bakwazi nokwenza izinqumo besebenzisa ukucabanga ngokuhlaziya nangobuchule;
 - Ukusebenza ngokuzinikela nabanye njengamalungu eqembu;
 - Ukulungiselela, bakwazi ukuziphatha bona baphathe nemisebenzi yabo ngokuyikho;
 - Ukuqoqa, bahlaziye, bahlele, bahlanganise, bahlolisise ngokucubungula ulwazi.
 - Ukuxoxisana ngempumelelo besebenzisa izinto ezibukwayo, ukufanekisa ngezimpawu kanye namanye amakhono olimi ezimweni ezahlukene;
 - Ukusebenzisa isayensi nobuchwepheshe ngempumelelo nangokuhlolisisa bekhombisa nokuzinikela kwezemvelo kanye nempilo yabanye; kanye
 - Nokukhombisa ukuqondisisa umhlaba njengenkundla yezinhlelo ezihlobene ngokubona ukuthi izimo zokuxazulula izinkinga azenzeki ngazodwana.
- (e) *Ukuhlanganisa izinhlobo zabafundi* yikho okumele kube ngumgogodla wokuhlela, ukulungiselela, nokufundisa kuleso naleso sikole. Lokhu kungenzeka kuphela uma bonke othisha bekuqonda kahle ukuthi bazobabona futhi babasize kanjani abafundi abanezihibe ekufundeni, nokuthi bazokuhlelela kanjani ukwehlukahlukana kwabafundi.

Okusemqoka ngokuhlanganisa izinhlobo zabafundi, ukuqinisekisa ukuthi zonke izithiyi ziyabonwa zigudluzwe ngayo yonke indlela ezikoleni, kumbandakanya othisha, amakomidi asemahhovisi ezemfundo, amakomidi ezikoleni, abazali kanye nezikole ezikhethekile ezisetshenziswa njengemithombo yolwazi. Ukugudluza izithiyi emakilasini, othisha bangasebenzisa amaqhinga ahlukeni ezinhlelo zezifundo njengalezo ezitholakala eMnyangweni wezeMfundo eyisisekelo: *Guidelines for Inclusive Teaching and Learning (2010)*.

1.4 UKWABIWA KWESIKHATHI

1.4.1 IsiGaba esiyisiSekelo

(a) Isikhathi sokufundisa emkhakheni weSigaba Esiyisekelo sinjengoba sikhonjisiwe kuleli thebula elingezansi:

ISIFUNDO	IBANGA-R (AMAHORA)	IBANGA LOKU-1 KUYA KWELESI-2 (AMAHORA)	IBANGA LESI-3 (AMAHORA)
ULimi lwaseKhaya	10	7 / 8	7 / 8
ULimi lokuQala lokwEngeza		2 / 3	3 / 4
Izibalo	7	7	7
Amakhono Empilo:	6	6	7
• Ulwazi lokuqala	(1)	(1)	(2)
• Ubuciko bokusungula	(2)	(2)	(2)
• Isifundo sokuzivocavoca	(2)	(2)	(2)
• Okuqondene nomuntu uqobo kanye nokuphila emphakathini	(1)	(1)	(1)
ISAMBA	23	23	25

- (b) Isikhathi sokufundisa seBanga-R, 1 neBanga lesi-2, amahora angama-23 kuthi IBanga lesi-3 kube ngamahora angama-25.
- (c) Izilimi zabelwe amahora ayi-10 eBangeni-R kuya kwelesi-2 kanye namahora ayi-11 eBangeni lesi-3. Isibalo esiphezulu samahora ayisi-8 nesibalo esiphansi esingamahora ayi-7ABELWE ULimi lwaseKhaya kanye nesibalo esiphansi esingamahora ama-2 nesibalo esiphezulu esingamahora ama-3 soLimi lokuQala lokwEngeza eBangeni loku-1 kuya kwelesi-2. EBangeni lesi-3 isibalo esiphezulu esingamahora ayisi-8 nobuncane obungamahora ayisi-7ABELWE iziLimi zaseKhaya kanye nobuncane obungamahora ama-3 nobuningi obungamahora ama-4 oLimini lokuQala lokwEngeza.
- (d) Esifundweni samakhono olwazi lokuqala, kwabiwe Ihora eli-1 eBangeni-R kuya kwelesi-2 kanye namahora ama-2 njengoba kukhonjisiwe ngamahora akubakaki ethebulini eBangeni lesi-3:

1.4.2 IsiGaba esiPhakathi neNdawo (iBanga lesi- 4 kuya kwelesi-6)

(a) Leli thebula elingezansi likhombisa izifundo nesikhathi sokufundisa esibekiwe sesigaba esiphakathi nendawo:

ISIFUNDO	AMAHORA
ULimi lwaseKhaya	6
ULimi lokuQala lokwEngeza	5
Izibalo	6
Isayensi nobuchwepheshe	3, 5
Isayensi yezokuhlalisana kwabantu	3
Amakhono Empilo	4
• Ubuciko bokusungula	(1.5)
• Isifundo sokuvocavoca umzimba	(1)
• Okuqondene nomuntu uqobo kanye nokuphila emphakathini	(1.5)
ISAMBA	27, 5

1.4.3 IsiGaba esiPhakeme

(a) Isikhathi sokufundisa IsiGaba EsiPhakeme simi ngale ndlela:

ISIFUNDO	AMAHORA
ULimi LwaseKhaya	5
ULimi lokuQala lokwEngeza	4
Izibalo	4.5
Isayensi yezemvelo	3
Isayensi yokuhlalisana komphakathi	3
Ezobuchwepheshe	2
Isayensi yokuphathwa komnotho	2
Ukwazi ngamakhono empilo	2
Ubuciko bokusungula	2
ISAMBA	27, 5

1.4.4 IBanga le-10 kuya kwele-12

(a) Isikhathi sokufundisa eBangeni le 10 kuya kwele-12 simi ngale ndlela:

ISIFUNDO	UKWABIWA KWESIKHATHI NGESONTO (AMAHORA)
ULimi LwaseKhaya	4.5
ULimi lokuQala lokwEngeza	4.5
Izibalo	4.5
Ukwazi amakhono empilo	2
Okungenani kungakhethwa izifundo ezintathu eqoqweni B Isengezelelo B, Ithebula B1 kuya ku-B8 kumqulu wenqubomgomo, <i>National policy pertaining to the programme and promotion requirements of the National Curriculum Statement IBanga-R kuya kwele-12</i> , isifundo ngenkombandlela ebhalwe esigabeni sama-28 kumqulu weNqubomgomo obhalwe ngenhla.	12 (3xAmahora ama-4)
ISAMBA	27, 5

Ukwabiwa kwesikhathi ngesonto kungasetshenziswa kuphela esibalweni esiphansi esidingekayo sezifundo zesiTatimende soHlelo LweziFundo lukaZwelonke (TAHFUZWE) njengoba kukhonjisiwe ngenhla, akumele kusetshenziswe kunoma yiziphi izifundo ezengeziwe ohlwini lwenani lezifundo ezivunyelwe. Uma umfundi efisa ukwengeza ezinye izifundo, isikhathi kumele sandiswe ukwenelisa lezo zifundo.

INGXENYE YESI- 2: UKWETHULA ULIMI

2.1 IZILIMI ESITATIMENDENI SENQUBOMGOMO YOHLELO LWEZIFUNDO NOKUHLOLA

Ulimi isikhali semicabango nokuxhumana. Iphinde ibe wumnyombo wesiko esho okuthile okwenziwa ngendlela efanayo phakathi kwabantu kwakha ukuqonda kangcono umhlaba abaphila kuwo. Ukufunda ukusebenzisa ulimi ngokuyimpumelelo kwenza abafundi ukuthola ulwazi, ukuchaza ubuzwe, imizwa nemibono, ukuhlangana nabanye, nokulawula umhlaba wabo. Liphinde lunikeze abafundi inhlanganisela yezimpawu ezinithile, ezinamandla nezijulile zemifanekiso nemibono engasetshenziswa ukwakha umhlaba ukunaloku oyiko; ongcono nocacile ukunokuyiko. Kwenzeka ngokusebenza kolimi ukwehluka kwamisiko nokuxhumama komphakathi kuvele kuphindekwakheke, kanti kwenzeka ngokusebenza kolimi ukuthi ukwakheka kubuye kuchibiyelwe, kubebanzi kubuye kucoliseke.

2.1.1 AMAZINGA OLIMI

Ukufundwa kwezilimi emazingeni aphakeme kufaka lezizilimi ezigunyaziwe eNingizimu Afrika, ezilandelayo, Afrikaans, English, isiNdebele, isiXhosa, isiZulu, Sepedi (Sesotho sa Leboa), Sesotho, Setswana, Siswati, Tshivenda, Xitsonga – kanye nezingagunyaziwe. Lezizilimi zingenziwa emazingeni ehluKile.

Ulimi Lwasekhaya ulimi abafundi abalufunda kuqala emakhaya ngokungungwa abantu abakhuluma lolo limi, ulimi abafunda ngalo ukucabanga. ULimi Lwasekhaya lubuye lubizwe ngoLimi Lwebele. Izinga lolimi lokuqala kufanele libe sezingeni lokuthi kungafundiswa ngalo. Ukulalela, ukukhuluma kanye namasu okusetshenziswa kolimi ayothuthukiswa aphucukiswe kodwa kugcizelelwe kakhulu Esigabeni Esiphakathi Semfundo lapho amakhono abafundi okufunda nawokubhala ayothuthukiswa khona. Ithebula elingezansi likhombisa amakhono abalulekile ohlelweni lwezifundo zoLimi Lwasekhaya.

Izinga loLimi lwaseKhaya linikeza ukusebenza kolimi okuveza isisekela samakhono okuxhumana adingekayo ezimweni zenhlalo nasemakhonweni okufunda ngokomqondo adingekayo ekufundeni kulolonke uhlelo lwezifundo. Ukugcizelela kubekwa kakhulu ekufundiseni amakhono okulalela, okukhuluma, okufunda nokubhala kulamazinga. Lelizinga linikeza ukukwazi ukuqamba, ubuhle nemicabango okuzobanika ikhono lokuphinda kuqanjwe, ukufanekisa, nokwandisa ulwazi lomhlaba wabo abaphila kuwo. Noma kunjalo, ukugcizelelwa nokunikezwa isisindo sokuLalela, nokuKhuluma kusukela eBangeni lesi-7 kunyaka siyehla ukaleso esinikezwa amakhono okufunda nokuBhala.

Izinga loLimi Lokuqala Lokwengeza lususelwa olimini okungelona ulimi lwebebe kodwa olusetshenziselwa imicimbi ethile yokuxhumana emphakathini, okusho indlela yokufunda elandelayo emfundweni. Izinhlelo zezifundo zinikeza ukwesekela okuqinile kulabo bafundi abazosebenzisa ulimi lwabo lokwengeza lokuqala njengolimi lokufunda nokufundisa. Ngasekupheleni kweBanga lesi-9, abafundi kumele ukuba sebekwazi ukusebenzisa ulimi lwasekhaya kanye nolimi lokuqala lokwengeza ngempumelelo nangokuzethemba ezinhlosweni ezehlukene okufaka nokufunda.

ENingizimu Afrika, abafundi abaningi baqala ukusebenzisa ulimi lokwengeza, oluyi-English, njengoLimi lokulokuFunda nokuFundisa (LoLT)eBangeni lesi-4. Okuchaza ukuthi ukuthi kufanele kube sebefinyelele emazingeni aphezulu okukwazi ukusebenzisa uLimi lwe-English uma beqeda iBanga lesi-3, kanti futhi kumele bebesebekwazi ukufunda nokubhala kahle nge-English.

ULimi Lokuqala Lokwengeza kucatshangwa ukuthi abafundi bafika esikoleni bengazi lutho ngalo uma befika esikoleni. Eminyakeni yokuqala yokufunda kugxilwa kakhulu ekuthuthukiseni ikhono lomfundi ekuthuthukiseni ukuqonda nokukhuluma ulimi-okungamakhono ayisisekelo somuntu sokuxhumana.¹⁰

EmaBangeni esi- 2 nawesi-3 abafundi baqala ukwakha ukuqonda ukufunda nokwazi ukuzwa nokukhuluma okuyisizinda. Baphinde basebenzise amakhono okuzwa nokukhuluma abawafunde oLimini lwaseKhaya

EmaBangeni aphakathi nasemaBangeni aphezulu, abafundi baqinisa amakhono okulalela, okukhuluma, okufunda nokubhala. Kulelizinga abafundi abaningi bafunda kusetshenziswa uLimi Lokuqala Lokwengeza, okuyi-English nokufanele bathole ithuba lokulisebenzisa kakhulu. Ngakhoke ukugcizelela okukhulu kubhekiswe ekusebenziseni uLimi Lokuqala Lokwengeza ngenhloso yokugcizelela ukucabanga nokucabangisisa. Loku kusimamisa amakhono okufunda ngokomqondo, okudingeka ngako ukuba kufundwe izifundo ezifana ne-Sc ience kanye ne-English. Baphinde bazibandakanye ekusimamiseni ikhono lokucabanga ngobuhle oLimini Lokwengeza.

Ngesikhathi laba bafundi befika emaBangeni aphakeme, kumele bebe sebelukhuluma kahle uLimini lokuQala lokwEngeza lapho bexhumana nabanye kanye nasemakhonweni okuhlakanipha emfundo. Nokho-ke okuhlalukayo, ukuthi kuleli zinga baningi abafundi abasuke bengakakwazi ukusebenzisa uLimi lokuQala lokwEngeza ekuxhumaneni ngempumelelo. Inselelo yeZinga eliphakeme ukuthi laba bafundi balekelelwe futhi kuphinde kwethulwe uhlelo lokubeseka, ukuze bakwazi ukufinyelela emazingeni adingeka eBangeni le-9 Lawo mazinga kumele kube yilawo angenza ukuthi abafundi bakwazi ukusebenzisa uLimi lokwEngeza ngempumelelo ezingeni eliphezulu lokukhuluma ngenhloso yokubalungiselela imfundo ephakeme noma izikhungo zemisebenzi. Kuyancomeka ukuthi, lapho kungenzeka khona, abafundi emaBangeni aPhakeme kumele bathulwe kokuqokethwe komjikelezo wokufanayo kuwona omabili amazanga

Izinga loLimi Lwesibili Lokwengeza nakhona kucatshangwa ukuthi abafundi akusho ukuthi banolwazi lolimi uma befika esikoleni. Kugxilwa ekuvezeni uLimi Lokwengeza Lwesibili kuba sekuthuthukiseni ikhono lokuqonda nokukhuluma ulimi – amakhono okuxhumana kubantu. EmaBangeni 4 - 6 abafundi baqala ukwakha amakhono abo okukhuluma nokulalela kanye namakhono okufunda nokubhala. Babuye basebenzise amakhono okukhuluma nokubhala abawafundile oLimini Lwasekhaya nakolokweNgeza Lokuqala.

EmaBangeni 7 – 9 abafundi baqhubeka nokuqinisa ukuthuthukisa amakhono okulalela nokukhuluma ngesikhathi bethuthukisa amakhono okufunda nokubhala.

Ngesikhathi abafundi bengena eBangeni le -10, bazobe sebekwazi ukuxhumana ngoLimi Lwesibili LokweNgeza kuwo omabili amazanga awabantu nawasenhlalweni. Kodwa-ke, iqiniso lithi abafundi abaningi abakakwazi ukuxhumana kahle besebenzisa uLimi Lwesibili kulelizinga. Inselele ekhona emaBangeni e- 10-12, ngakho-ke, ukunikeza ukweseka kulababafundi futhi kube kunikezwe izinhlelo zokufunda ezivumela abafundi ukuba bebesemazingeni adingekayo eBangeni le-12. Lamazinga mawabonakale ngokuthi labafundi bakwazi ukusebenzisa ukwazi kwabo ukubalungiselela imfundo eqhubekela emazingeni aphezulu noma esizindeneni somsebenzi.

Izinjongo zokufundiswa koLimi Lokwengeza

Ukufunda uLimi Lwesibili Lokwengeza kumele kwenze abafundi bakwazi uku:

- Ukuthola amakhono olimi ukuze bakwazi ukuxhumana ngendlela ngolimi kodwa ezingeni eliyisisekelo solimi;
- Ukulalela, ukukhuluma, ukufunda/ukubuka nokubhala ulimi ngokuzethemba nangokulujabulela. Lamakhono nesimo kwenza isisekelo sokufunda okungapheli;
- Khombisa, ngomlomo nangokubhala, ngemizwa ukuze ukhululeke ngolimi lolo;
- Sebenzisa ulimi nemicabango ukuthola/ukufunda kabanzi nagwe namasiko ehlukeni kanye nangomhlaba/ indawo abazithola kuyo/abahlala kuyo;

- Sebezisa ulimi ukuthola nokugcina ukuxhumana ngengqikithi. Ulwazi lolimi luyikhono elibalulekile futhi lwakha nesisekelo sokufunda;
- Sebezisa ulimi njengendlela yokunikeza ulwazi ngezihloko ezejwayelekile; ukukhuluma ngezingqikithi ezejwayelekile; kanye nokufunda umbhalo ukuze uzijabulise, ulwazi oluyisisekelo kanye nokuxhumana.

2.1.2 AMAKHONO OLIMI

Uhlelo lokufunda koLimi Lwesibili Lokwengeza lubekwe ngalendlela elandelayo:

1	Ukulalela nokukhuluma
2	Ukufunda nokubukela
3	Ukubhala nokwethula
4	Izakhiwo nezimiso zolimi

2.1.3 AMAKHONO OLIMI

Izindlela zokufundisa ulimi kulezizincwadi kugxile embhalweni, ngokuxhumana, ukufunda ngokudidiyela.

Indlela egxile embhalweni kanye nendlela yokuxhumana zombili zizimele nokusetshenziswe okuqhubekayo nokukhiqizwa kombhalo. **Izindlela zokufundisa imibhalo/ukusebenza ngemibhalo** ifundisa abafundi ukuncintisana, ukuzethemba nokuba abafundi ababalulekile, ababhali, izibukeli, nababhali bemibhalo. Kufaka ukulalela, ukufunda, ukubukelanokuqonda imibhalo. Imibhalo eyiqiniso yiyona eyisizinda solwazi, sokuxhumana, ukufunda okuhlanganyelayo/okuhlanganisiwe nokufundiswa kwezilimi. Indlela egxile embhalweni ifaka ukukhiqizwa kwezinhlobo ezahlukeni zemibhaloelula yezinhloso ezithile

Indlela yokuxhumana iphakamisa ukuthi abafundi kufanele babe nolwazi olwanele ekufundeni ulimi oluhlosiwe namathuba amaningi okuzilolonga ukufunda ulimi. Abafundi bafunda ukufunda ngokuthi bafunde babuye bafunde nokubhala ngokuthi ibe mining imisebenzi yokubhala.

Ukufundiswa kolimi kwenzeka ngendlela ehlangene, lapho uthisha eba yisibonelo eveza amakhono akhe amahle okufundisa, abafundi banikwa ithuba lokuziqeqesha emakhonweni ayiwo/afanele emaqenjini ngaphambi kokuba bakwazi ukuzisebenzisela wona la makhono ngokwabo. Ukwakheka kwesifundo ngasinye kufanele kube yileso esibandakanya bonke abafundi ekilasini ngaphambi kokuthi baye emaqenjini ukuze baveze ikhono labo ngamunye. Amatemu asetshenziswayo yilawa: **ukulalela ukukhuluma, ukufunda nokubhala ngokuhlanganyela, okweqembu, ukuzifundela noma ukubhala ngayedwa engasizwa.**

Indlela yokufundisa ulimi ngokulandela inqubo ethile isetshenziswa uma abafundi bekhqiza imibhalo ngomlomo nangokuyibhala. Abafundi benza izigaba ezahlukeni zokulalela, zokukhuluma, zokufunda kanye nezinhlelo zokubhala. Kufanele bacange ngabalandeli nenhloso. Lokhu kuzobenza bakwazi ukuxhumana nokuveza abakucabangayo ngokwemvelo. Isib. Ukufundiswa kokubhala akugxili emkhqizweni kuphela kodwa nakwinhloso nohlelo lokubhala. Ngesikhathi sohlelo lokubhala, abafundi bafundiswa ukuthi bangyenze kanjani imibono, ukucabanga ngenhloso kanye nezibukeli, ukubhala umbhalo wokuqala, ukulungisa amaphutha umsebenzi wabo, nokwethula umkhqizo obhaliwe oxhumanisa imicabango yabo.

Izindlela zokufundisa imibhalo yobuciko

Ukufundiswa kwemibhalo kufanele kugxile ekufundiseni ukufunda ngokuqondisisa, kufaka amasu enqubo yokufunda (ukulungiselela ukufunda, ngenkathi kufundwa, emumva kokufunda). Isizathu esisemqoka sokufunda imibhalo ekilasini ukuthuthukisa kubafundi uzwela ekusebenziseni ulimi ngokukhethekile, oluhluzekile, ngumqondo osobala, ngezifengo, ngezimpawu, nangokuqonda okujulile ngaphezu kwanoma yini abangayifunda. Ngenkathi imibhalo yobuciko eminingi kuyindlela yokuzithokozisa, ukuhlelisa, noma ukubonisa, ababhali abazimisele babhala amanoveli, imidlalo nezinkondlo ngoba banemibono, imicabango nodaba, imigomo, imfundiso nenkolelo abafuna ukwabelana noma ukuyibonisa abafundi babo. Ukusebenza kwemicabango yabo yolimi kuyindlela eyengeziwe yokubonisa, gcizelela, nokugqamisa imibono yabo. Isizathu esikhulu sokufundisa umbhalo ekilasini ukwenza amathuba okusebenzisa amakhono olimi afundiwe. Ukufundiswa kwemibhalo akuyona into elula, kodwa kuyize ngaphandle kwemicabango nokwethembeka ekuhumusheni nasekuphawuleni kwabafundi uqobo. Ngaphandle kokuthi bafunde ukuthi bangayiqonda kanjani imibhalo ngokwabo, angeke bafunde lutho.

Izindlela zokufundisa imibhalo zifaka okunye noma konke lokhu okulandelayo:

- Zama ukufunda yonke imibhalo ekilasini ngaphandle kokuphazamisa eminye imisebenzi. Kubalulekile ukuthi abafundi babe nemibono ecacile ngokwenzekayo ngokwezinga eliphansi lombhalo. Amanye amakilasi afunda izinhlobo zemibhalo ngaphandle kokusekelwa. Okufanele kukhuthazwe. Izinhlobo zemibhalo, nendlela ezifundwa ngayo, kufanele kufundiswe, ukunokufundisa imibhalo. Isibonelo, ubunkondlo kumele bufundiswe, hhayi izinkondlo akufundwe eziningi ngokungenzeka ekilasini kwenziwe nesiqiniseko sokuthi abafundi bayazibhala izinkondlo.
- Ukuhumusha kumqondo osobala kuwumsebenzi ofuneka ezingeni lasenyuvesi, ngakho ke abafundi kulesisigaba akudingeki bafunde ukuhumusha okusezingeni elihambele phambili, ngakho ke inhloso yokufundisa imibhalo yobuciko ukukhombisa abafundi ukuthi lungasetshenziswa kanjani ulimi lwabo lwasekhaya ngobuhlakani, ukukhalipha, umcabango nangamandla okulandela umkhondo. Lokhu kuchaza ukubhekisisa indlela umbhalo owenziwe ngayo, kwashintshwa kanjani ubuqiniso bawo, nokuhlelwa kabusha ukucacisa nokugcizelela okushiwoyo. Umsebenzi onjalo ungafaka ukuhlola ubukhona noma ukungabikho bokuzicabangela emqondweni, kuwumcabango onjani okhethwe umbhali nokuthi kungani, izakhiwo zemisho nezigaba, noma uhlaka lwenkondlo, ukukhethwa kwamagama, umqondo oqhubekayo wombhalo, ukusetshenziswa kwezimpawu, umsindo nombala lapho kufanele, omningi walomsebenzi kufanele usekelwe embhalweni, kodwa ukuhlaziywa komugqa ngomugqa kwanoma imuphi umbhalo kuyabuchitha ubuhlakani bawo.
- Imibhalo yokuziqambela kufanele inamatheliswe kakhulu kwisifundo sanoma imuphi umbhalo wobuciko. Imisebenzi ebhalwayo edinga ukuqonda kakhulu kombhalo ofundwayo ingaqinisa ekubeni usizo olukhulu ekufinyeleleni emazingeni okwazisa ukuqamba engxenyeni yabafundi. Ingxoxo yekilasi ingaba nezithelo uma nje wonke umfundi embandakanyiwe. Kepha ingxoxo yekilasi eholela emsebenzini wokubhala obhalwayo unikeza inhloso ecacile futhi zibe nomphumela
- Ekugcineni, kubalulekile ukukhomba ukuthi imibhalo ayive ingezimpendulo ezilungile/eziyizo: umbono ukuthi, isibonelo. Inkondlo ingachaza noma yini uma nje umuntu 'engaba nobufakazi' ukuthi embhalweni kuvela okungenabo ubuqiniso okungaholela ekucabangeni ngokunganaki ngokuthi umbhalo usebenza kanjani. Umbhalo uwonke uchaza okuthile, hhayi nje izingxenye ezithile, ukufundwa okulungile kombhalo kuhlanguanisa ukuhumusheka kombhalo wonke, ukuqamba, ubuwona, nokwenziwa ngokuhlola.

Ezinye izindlela imibhalo engahlanganiswa ngayo nokufundiswa kwesifundo sokuqondisa nokuqonda izimpawu ezisemqoka zemibhalo **ihlelo lezikhathi zemilando, umbhali, indikimba nezinhlobo zemibhalo**.lezi zindlela zingahlanganiswa. Kwindlela **yehlelo lezikhathi zemilando** abafundi bangacwaninga bahlanganise isikhathi semibhalo nezigameko zomlando ngesikhathi esisodwa abanqunyelwe sona. **Kwindlela yombhali**, abafundi bangazimbandakanya esifundweni esibanzi nesijulile sombhali kakhulu kubunkondlo bangahlanganisa izinkondlo zakhe nenkathi ethize yomlando. **Kwindlela yendikimba** abafundi bangabheka izindikimba ezinjengo- bulungiswa, impumelelo, uthado, njll. Kuzinhlobo eziningi zezinkondlo noma izinhlobo zemibhalo ehlukeni bakuhlobanise nezigameko zangempela zempilo. Bangenza izinqumo ngokwenziwa balingisi babuye benze izethulo ngendikimba. Okumayelana **nendlela yezinhlobo zemibhalo**, abafundi bangahlela, baqhathanise nokwehluka izinhlobo ezihlukeni yezinhlobo zemibhalo isib. umehluko phakathi kwezizinda kwinoveli/indaba emfishane/umdlalo/inganekwane.

Inqubo yokufundisa ukusetshenziswa kolimi

Ukufundiswa kwezakhiwo zolimi kufanele kugxile ekutheni lusetshenziswa kanjani ulimi nokuthi kungenziwa njani ngolimi isib. uwenza kanjani umqondo, ubhekana kanjani nezinkinga nothando, umthelela kubangani nosebenzisana nabo, nokuthi ungayakha kanjani impilo enhlalweni enothile.ukufundiswa kwezakhiwo zolimi kumele kube indlela yokwenza izinto zenzeke.

Ukufundiswa kwezakhiwo zolimi/izakhiwo zohlelo lolimi kufanele zisekelwe embhalweni, nasekuhlanganiseni nasekuxhumaneni.

Lemigomo elandelayo kufanele ifakwe emcabangweni/ibhekelelwe uma kufundiswa izakhiwo zolimi:

- Uhlelo lolimi kumele lufindiselwe ukwakha imibhalo engqikithini ekuyo- ngamanye amagama, kumayelana, nolimi langempela.
- Ukusetshenziswa kohlelo lolimi akumele kubekelwe umgomo wokuhlaziya imisho ezimele-kufanele ichaze indlela imisho ehlelwe ngayo ukwakha umbhalo ophelele njenge- zindaba, ama-eseyi, izincwadi, imibiko efundwa futhi ibhalwe ngabafundi esikoleni.
- Ukusetshenziswa kwezinto zoqobo njenge- nkulumo yababili, inhlolokhono, kufanele kugququzelwe.
- Xhumanisa izakhiwo zolimi nemisebenzi yokusetshenziswa kolimi ezimweni ezihlukeni zenhlalo, isib. Ukuzwakalisa imicabango nemizwa yakho, ukwethula abantu, ukukhuluma noma ukubika ngezinto, iminyakazo, izigameko noma abantu bendawo, enkathini edlule noma ezayo, ukwenza izicelo, ukubeka imibono, ukunikeza ukudla noma isiphuzo nokwamukela noma ukwenqaba ngokuzithoba, ukunika nokulandela imiyalelo, izinto eziqhathanisekayo neziphikisanayo.
- Sebenzisa imisebenzi yasekilasini ukuxhumanise nezindlela zokusebenzisa ulimi, isib. inkathi edlule kwi-eseyi elandayo nokubhalwa kombiko, indlela encikile/eyamile esetshenziswa embhalweni we-eseyi ejeqezayo.
- Gxila emisebenzini eyenza umqondo. Ukwazi imithetho yohlelo lolwimi akwenzi umfundi asebenzise ulimi ngendlela ecacile nenomqondo. Okusihehayo okuphathelene nesakhiwo nemisebenzi ngaphezu kwezinga lomusho, isib. indlela abantu abasebenzisa ngayo noma nga- ulimi olukhulunywayo noma ulimi olubhaliwe (umbhalo) ngendlela ecacile elandelayo neyenza umqondo.
- Izinto ezithinta indlela yokusho amagama nokuphimisa amagama akufanele kuphucwe amaphuzu ngaphandle uma kubangela ukudideka noma kuphazamisa ukuxhumana.

2.2 UKWABIWA KWESIKHATHI SOLIMI LWESIBILI LOKWENGEZA

Emjikelezwni wamasonto amabili kuyanconywa ukuthi isikhathi sokufundisa amakhono olimi sabiwe ngale ndlela elandelayo

AMAKHONO	ISIKHATHI ESABIWE NGESONTO (AMAHORA)	ISIKHATHI ESABIWE NGOMJIKELEZO WAMASONTO AMABILI (AMAHORA)	%
Ukulalela nokuKhuluma	2	1	25
Ukufunda nokuBukela: isifundo sokuqondisisa nombhalo wobuciko		1	25
Ukubhala nokwethula		1	25
Izakiwo nezimiso zolimi (okudidiyela amakhono ama-3)		1	25

Isikhathi sokufundisa uLimi Lwesibili Lokwengeza singamahora (ama-4). ngesonto.Konke okuqukethwe wulimi kufundiswa emjikelezweni wamasonto amabili okwenza amahora ama-2 ngesonto. **Othisha abaphoqelekile ukuthi balandele lomzungezo kodwa kumele baqiniseke ukuthi amakhono olimi, ikakhulu ukufunda nokubhala kuyafundelwa.** Ukwabiwa kwesikhathi kwamakhono olimi ahlukene emeBangeni lesi-7-9 ngamasonto angama- 36. Amasonto amane ngawokuhlola- amabili awesivivinyo sika Nhlanguvana amanye amabili wesivivinyo sikaLwezi:

2.3 IZINSIZA ZOKUFUNDA NOKUFUNDISA

Abafundi kumele babe nalokhu okulandelayo ukufunda uLimi Lwesibili Lokwengeza emeBangeni esi- 7 – 9:

AMABANGA 7 – 9	
IZINSIZA EZIQONDENE NGQO NOLIMI	
Izincwadi zokufundisa ezihlelelwe ulimi	√
isichazamazwi	√
EYODWA YEZILANDELAYO EVUNYIWE/UHLOBO LOMBHALO WOBUCIKO ONIKEZIWE	
Inoveli emifishane	√
Izindaba ezimifishane	√
izinganekwane	√
Imidlalo emifishane (idrama)	√
izinkondlo	√
IZINSIZA ZEMITHOMBO YABEZINDABA	
Amaphephandaba	√
Amaphephabhuku	√
Izinkulumo zasemsakazweni/imidlalo	√
Imibukiso yamabonakude/umdlalo/izinhlelo ezikhuluma ngokwenzekayo	√

***Abafundi kufanele ukuba sebethuliwe ezinhlotsheni ezintathu ngokuphela kwamabanga aphakeme, isibonelo, uhlobo olulodwa ibanga ngalinye.**

Othisha abafundisa ulimi Lwesibili Lokwengeza kufanele babe nalokhu:

- a) IsiTatimende seNqubomgomo yoHlelo lweziFundo nokuHlola.

- b) iNqubomgomo yokuFundisa iziLimi
- c) Incwadi ehlelelwe ukusetshenziswa ngabafundi kanye nezincwadi zezinsiza mayelana nomsebenzi owengezelelwe.
- d) Isichazamazwi (esilimi-lunye, esilimi-mbili, esilimi-ningi nethesorasi)
- e) Izincwadi zemibhalo ezinhlobonhlobo ezihlelelwe ukufunda
- f) Izinhlobonhlobo zemibhalo yabezindaba: amaphephandaba, amaphephabhuku, amabrosha, njll.
- g) Ukukwazi ukuthola izinsizakufunda ezibonakalayo/ezizwakalayo ezingasetshenziswa ekilasini
- h) Eminye imithombo yabezindaba (izinhlobo ezechukene zamaphephandaba, amaphephabhuku namabhurosha)

Izinsizakufundisa zasekilasini

- a) Izinhlobo ezechukene zemibhalo ukuhlelela wonke amazinga okufunda, isib. iqoqo lezincwadi zokufunda ezinemibhalo efanele izinga ngalinye ekilasini.
- b) Izinhlobonhlobo zemibhalo yabezindaba: amaphephandaba, amaphephabhuku, iziqeshana zokukhangisa, amaphosta, izaziso, njll.
- c) Izinsiza ezilalelwayo nezibukwayo

INGXENYE YESI-3: OKUQUKETHWE KANYE NOHLELO LOKUFUNDISA AMAKHONO OLIMI

Lengxenywe ihlukene izinhlaka EZIMBILI: ukubuka ngamafuphi amakhono, okuqukethwe namasu nohlelo lokufundisa.

3.1 UKULALELA NOKUKHULUMA

Ukulalela nokukhuluma kuhlukene kodwa kungamakhono azimele. Omabili ahlale ekhona ekilasini ngesikhathi abafundi bethola futhi bexoxa ngolwazi. Ukulalela nokukhuluma okuhlelekile ngezindlela ezikhethekile, isib. ukulingisa noma inkulumompendulwano, kudinga imiyalelo egxile kuwo. Ukulalela nokukhuluma okuhlelekile kuhlanganiswa nokufunda, futhi ukukhuluma kumele kwenze umbhalo obhaliwe ukhulume (isib. ukufunda kuzwakale).

UKULALELA

Inqubo yokulalela

Ukulalela imiyalelo kuzovama ukusebenzisa izingxenywe zenqubo yokulalela. Loku kungumsebenzi owakheke izigaba ezintathu okhombisa amasu okulalela okuzimele ukuhlukanisa nokuqonda inkulumo nezinye izimo zokuzwa. Akuzosebenza isinyathelo ngasinye senqubo kuzozonke izimo. Isibonelo, uma abafundi belalela incazelo eqoshiwe bangase badinage ukufunda njengomsebenzi **woKulungiselela ukulalela** okubaqwashisela isidingo sokulalela ngokugxile ekulaleleni nokubasiza ukuba bakwazi ukuhlanganisa nolwazi abanalo. Okwenziwayo **Emva kokulalela** kungenza abafundi ukuba baphendule ngaloko abakuzwile uma bephendula imibuzo.

Ukulalela imisebenzi yesifundo sokuqondisisa nokuhlola kunikeza ithuba lokufundisa abafundi ukuthi kulalelwa kanjani.

Inqubo yokulalela

1. **Ukulungiselela ukufunda** kulungiselela abafundi ukuba baba sesimweni sokulalela. Kubalekelela ukuthi bakwazi ukuvuselela ulwazi lwabo oludala ngesihloko, nokubalungiselela ukulalela.

- Ukuvuselela/ukukhuthaza ulwazi lokwendlalela ngaphambi kokulalela, ukuze ulwazi lwabo laloko okukhulunywa ngako lizovuseleleka.
- Ukuqagela ukuthi umbhalo uzokhuluma ngani ngokusukela esihlokweni/ukuxoxa ngendikimba yombhalo
- Ukusebenza ngolwazimagama okungenzeka ukuthi abafundi abalujwayele
- Uthisha angakha imibuzo yokulungiselela ukulalela ukugxilisa abafundi kuloko okumele bakunake
- Abafundi kumele ukuba balungiselele nangokomzimba, isibonelo, ukuthatha amanothi ngepensela nephepha

2. **Ngesikhathi sokulalela** abafundi bayalalelisisa ngezinhloso ezehlukene:

(qaphela ukuthi kuwukwenza okuhle kubafundi ukulalela umbhalo izikhathi eziningana, bagxile engxenyeni ehlukile esikhathini ngasinye.)

2.1 Ukulalelela ulwazi olukethekile

- Ukubheka incazelo; ukubona umqondo ongumongo nosekelayo
- Ukudamane kubhekwa ukuqondisisa umyalezo ngokuqinisekisa loko okuqageliwe ngokubuza imibuzo
- Ukwakha amanothi anomqondo; uhlaka, imephu , ukwakha uhla, ukufingqa, , ukuphinde uxoxe, ukulandela imiyalelo
- Ukunaka okhulumayo/ingxoxo eyenziwa umzimba bezinye izinto ezibonakalayo

2.2 Ukulalelela ukuzimbanya

- Ukusebenzisa ukunikezelana ngamathuba engxoxweni noma emsebenzini weqembu
- Ukubuza imibuzo ukugcina inkulumo iqhubeka
- Ukuphendula olimini , ukukhuluma ngokunyakaza kwezingxenye zomzimba, ukuxoxa ngamehlo, noma ngomzimba wonke
- Ukutshengisa ukulangazelela nokuthatheka okufanele ngokuveza imizwa, umumo womzimba njll.
- Ukusebenzisa izimiso ezifanele ukukhombisa inhlonipho kwabanye

2.3 Ukulalelela ukuncoma

- Ukuphendula kokuvuselela umoya okutholakala embhalweni, isib. Isigqi, isivinini, umthelela womsindo,
- Ukuphendula ezimweni zokuxhumana
- Ukunikezelana amathuba ngezimiso engxoxweni
- Ukuvikela isikhundla
- Ukubuza imibuzo ukugcina ukuxhumana kuqhubeka
- Ukuphendula olimini, ukuhlangana kwamehlo nenkulumo ngomzimba
- Ukukhombisa ukuqonda ubudlelwano phakathi kolimi nosiko ngokukhombisa inhlonipho yezimiso zosiko

3. Emva kokulalela kulandelela olwazini lokulalela. Abafundi

- Baphendula imibuzo
- Babuyekeza amanothi;
- ukufingqa
- Badlulisela ulwazi ukusukela kokukhulunywayo kuya kokubhalwayo, isib. Ukusebenzisa ulimi ukubhala amagama esithombeni
- Bahlakaza ulwazi olusha ngokusebenzisa ulwazi oludala

Benza isiphetho, ukunikeza imibono okungeyakhe;

Ubude obuphakanyisiwe bombhalo osetshenziselwa ukulalela ngokuqondisisa

IMIBHALO	AMABANGA	UKUBHALWA KWAMAGAMA NGENDLELA EHLUKANISAYO
<ul style="list-style-type: none"> • Okukhulunywayo, okubukwayo, okulalelwayo-kubukwe nemibhalo enhloboningi etholakala nakwabezindaba • Imibhalo elalelwayo • Imibhalo esunguliwe 	Ibanga lesi- 7	Imizuzwana okungenani engama- 30
<ul style="list-style-type: none"> • Imibhalo ethathelwe komunye nombhalo onika ulwazi • Imibhalo yokunothisa ulwazi 	Ibanga lesi- 8	Imizuzwana okungenani engama- 45
<ul style="list-style-type: none"> • Imibhalo elalelwayo-ibukwe (amafilimu, izinhlelo zikamabonakude nezinhlelo zezindaba, okuqoshiwe, izinhlelo zomsakazo, izithombe, amavidiyo omculo) 	Ibanga lesi- 9	Okungenani umzuzu o- 1

UKUKHULUMA

Imiyayalelo yokukhuluma kumele iveze izimo zokukhuluma ezihlelekile nezingahlelekile, kusukela engxoxweni yokuzikhulumela nje kuya ekwethuleni ingxoxo ehlelekile. Ukukhuluma ngokucacile, ngokugeleza, ngokulandelana , ngokuzethemba nangokufanele kumele kube yinhloso yokufundisa ukukhuluma

Ukufundisa ukukhuluma kumele kufake ukwazi inqubo namasu okuxhumana.

Inqubo namasu okukhuluma

Inqubo yokukhuluma akhiwe ilezizigaba ezilandelayo:

- Ukulungiselela: ukwenza ucwaningo nokuhlela
- Ukwenza
- Ukwethula

Ukukhuluma okuhlelekile nokwethula

Ukukhuluma okuhlelekile kuvamise ukufaka izigaba ezintathu. Izindlela zokwethula okuhlelekile zingafaka okubhalwayo noma kungaba ukukhulunywayo thisha abangazihlola.

Ukulungiselela: ukucwaninga nokuhlela

Abafundi bakhombisa amakhono okulungiselela, ukucwaninga nokuhlela wokwethula okukhulunywayo. Bazo...

- Ukusebenzisa imithombo nezinto nokuthathelwa kuzo ukuthola nokukhetha ulwazi.
- ukuhlelwa nokubhala ulwazi; ukuthatha amanothi;
- Sebenzisa isendulelo esinomthelela nesiphetho,

- Ukukhulisa imqondo ngokukhuluma ngendlela elandelanayo
- Ukusebenzisa izinto, ezilalelwayo/noma ezibukwayo ukulekelela ukuveza kahle nokucophelela ngokwethula

Ukwenza nokwethula

Abafundi bakhombisa ngokuveza amakhono okwethula. Bazo...

- Ukusebenzisa indlela efanele yokukhuluma
- Ukukhombisa ukuqaphela izethameli;
- Ukukhombisa ukuqaphela isimo: esihlelekile, esingahlekile nesebenzisa inkulumo enolimi olusetshenziselwe lesosimo.
- Ukuveza imibono engeyabo
- Ukusebenzisa izkhiwo nezimiso zolimi ezifanele
- Ukusebenzisa amasu okusho ngomlomo nokungasho ngomlomo ukugcizelela incazelo, isib. iphimbo, ukuhleleka kwezwi/ukushintsha kwephimbo, ukuzwakala kwezwi, isivinini/tempo, ukubeka amagama, ukuhlanguka kwamehlo, ukukhuluma kobuso, ukukhuluma ngokunyakazisa amalungu omzimba nokukhuluma komzimba wonke
- Ukukhuluma ngephimbo elicacile, ukuphimisa nokubiza amagama ngendlela efanele, ukushintsha kwephimbo

Ukukhuluma okungahlelekile nomsebenzi weqembu (bheka “izimpawu nezimiso zokuxhumana ngokukhulunywayo” ngezansi)

- Ukuqala nokugcina ingxoxo iqhubeka
- Ukubuza nokuphendula imibuzo ukugcina ingxoxo iqhubeka
- Ukusebenzisa inxoxo yokunikezelana a mthuba
- Ukuchaza incazelo lapho kudingeka khona
- Ukuphendula olimini, ukukhuluma ngokunyakaza kwezingxenye zomzimba, ukuxoxa ngamehlo, noma ngomzimba wonke
- Ukutshengisa ukulangazelela nokuthatheka okufanele ngokuveza imizwa, umumo womzimba njll.

Izimpawu nezimiso zemibhalo yokuxhumana ngokukhulunywayo

1. Ukukhuluma okungahlelekile nomsebenzi weqembu

UKUKHULUMA/ OKUNGUMBHALO OKHULUNYWAYO	INHLOSO	IZIMPAWU
<p>Ingxoxo engahlelekile/ inkulumompendulwano/ umsebenzi weqembu</p> <p>Bheka: ukusetshenziswa kwezisho engoxweni.- Okuthathelwa kukho ngezansi</p>	<p>Ukuxhumana ngezihloko ezinikeziwe</p>	<ul style="list-style-type: none"> • Ukuqala nokugcina ingxoxo iqhubeka • Ukusebenzisa ingxoxo ngokunikezelana amathuba • Ukugcwalisa izikhala nokugqugquzela isikhulumi • Ukuchaza incazelo lapho kudingeka khona • Ukubuza nokuphendula imibuzo ukugcina ukjuxhumana • Ukuphendula olimini , ukukhuluma ngokunyakaza kwezingxenywe zomzimba, ukuxoxa ngamehlo, noma ngomzimba • Ukutshengisa ukulangazelela nokuthatheka okufanele ngokuveza imizwa, umumo womzimba njll.
<p>Ukufunda kuzwakale okungalungiselelwe</p>	<p>Ukwabelana umbhalo</p>	<ul style="list-style-type: none"> • Uklufunda okugelezayo nokuzwakalayo • Ukubiza nokuphimisa amagama ngaphandle kokuphambanisa incazelo

2. Ukukhuluma nokwethula okuhlelekile

Bheka yonke imibono ekuhleleni nokwethula engenhla .

UKUKHULUMA/ OKUNGUMBHALO OKHULUNYWAYO	INHLOSO	IZIMPAWU
<p>Inkulumo elungiselelwe</p> <p>Luluhlobo luzoveza ubufakazi bocwaningo no/ ukulungiselela</p>	<p>izinhlobonhlobo: ukubona/ ukwabelana</p>	<ul style="list-style-type: none"> • Ukwenza ucwaningo/ukulungiselela • Ukuhlela izinto ngokulandelana. Ukukhetha nokuthuthukisa umqondo ongumongo nosekelayo kube nezibonelo • Ukusebenzisa uhlaka olufanele, ulwazimagama, izimiso zolimi • Ukusebenzisa iphimbo, ukuhleleka kwephimbo, isivinini, ukuhlangana kwamehlo, umumo womzimba nokuxoxa indaba ngokunyakaza kwawo. • Ukusebenzisa isendulelo esinomthelela nesiphetho, • Ukusebenzisa indlela efanele yokubiza izinto nangamagama afanele • Ukuhlanganisa okubukwayo okufanele , okulalelwayo, nezinsiza ezibukwa-zilalelwe, isib. Amashadi, a imephu hosta, izinto, nemifanekiso
<p>Ukufunda kuzwakale okulungiselelwe</p>	<p>Ukwabelana ngombhalo ozibhalele wona noma okunye, ukuthokozisa</p>	<ul style="list-style-type: none"> • Ukufunda ngokugeleza nangokuthatheka ukulandela inhloso nomsebenzi • Ukubiza nokuphimisa amagama ngaphandle kokuphambanisa incazelo • Ukulekelela ukuveza incazelo ngezwi, ukuhleleka kwephimbo, isivinini, ukuhlangana kwamehlo, umumo womzimba nokuxoxa indaba ngokunyakaza kwawo.

3. Ukukhuluma izinhloso ezikhethekile/ingqikithi

UKUKHULUMA/ OKUNGUMBHALO OKHULUNYWAYO	INHLOSO	IZIMPAWU
Ukunikeza izinkomba	<ul style="list-style-type: none"> • Ukutshela umuntu ukuthi ufinyelele kanjani endaweni ethile 	<ul style="list-style-type: none"> • Use mostly the imperative form • Sebenzisa imisho eshaya esikhonkosini necacile • Sebenzisa ukuhleleka okulandelana kahle • Ukuthathela enkombeni ekhethekile • Ukukhombisa ibanga elindelekile • Ukunikeza ulwazi ngezinto ezitholakala endleleni
Imiyalelo	Ukuchaza ukuthi uqedelwa kanjani umsebenzi/ukulungisa ukudla njll.	<ul style="list-style-type: none"> • Ukuchaza ukuthi ukuthi uyenza kanjani into • Bala izinto ezidingekayo • Ukunikeza imiyalelo ecacile, okuyiyona nelandelana ngendlela • Ukusebenzisa ulwazimagama olufanele,

Izikhathi eziphakanyisiwe zokuxhumana ngokukhuluma

(Qaphela: isikhathi esilinganisiwe sokufunda ikhasi elingu- A4 lombhalo obhalwe ngendlela yukuhlukanisa ungaba imizuzu emi- 3)

IMIBHALO	ISIKHATHI IBANGA LESI- 7-9
Izingxoxo	5 – 10 imizuzu yeqembu/ikilasi
izinkulumompendulwano	1-2 imizuzu bengababili
Izinkomba nemiyalelo	30 imizuzwana – 1 umzuzu
Ukufunda okulungiselelwe	1 umzuzu
Izinkulumo ezilungiselelwe	1 umzuzu
Iziganeko ezihlobene	Kufinyelele emizuzwini emi-2
Ukuxhumana ngokukhuluma kosuku nosuku, isib. ukufuna usizo, ukuxolisa, njll-	1 – 2 imizuzu

Okushiwoyo engxoxweni yolimi lwesiZulu - uhla okuthathelwe kulo

<p>UKUCELA IMVUME</p> <ul style="list-style-type: none"> • Nginga....? • Ngicela uku...? • Ngabe kungenzeka ukuthi ngi...? • Kungalunga uma nginga...? • Ungaphatheka kabi uma ngi...? • Ngicela ungivumele ngi...? • Ungavuma ukuthi ngi...? 	<p>• UKUPHAZAMISA</p> <ul style="list-style-type: none"> • • Uxolo, nginga...? • • Ngiyaxolisa, ucabanga ukuthi nginga...? • • Uxolo, uyakwazi uku.../uyamazi u...? • • Uxolo, ungangisiza?
<p>UKUNIKEZA USIZO</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ngicela ukukusiza. • Ngingakusiza? • Kukhona okufunayo? • Ungathanda ngikusize? • Uyaludinga usizo? • •Ngingakwenzelani? 	<p>UKUFUNA USIZO</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ngicela usizo e...? • Ungangisiza uku...? • Ngicela usizo nge...? • Ngiyakucela, ngisize nge...? • Ngicela ungisize.
<p>UKUXOLISA</p> <ul style="list-style-type: none"> • Uxolo. • Ngiyaxolisa ngoku... • Ngiyazisola ngoku... • Ungixolele ngoku... • Ngixolele. • Ngiyaxolisa. 	<p>UKUKHONONDA</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ngiyaxolisa ukuthi ngikhulume kanje, kodwa... • Ngiyaxolisa ukukhulupha, kodwa... • Mhlawumbe ulibele/ukhohliwe uku... • Ungixolele uma ngiphaphalaza, kodwa... • Kungenzeka ukuthi kube nokungaboni ngaso linye nge... • Ungangizwa kabi, kodwa...
<p>UKUNIKEZA ISELULEKO</p> <ul style="list-style-type: none"> • Angicabangi ukuthi kumele u... • Kumele u... • Akumele u... • Ukube bengiwuwe, bengi... • Bekumele u... • Bekungamele u... • Noma ngabe wenzani, ungalokothi u... 	<p>UKUSHO INTO OYINCAMELAYO</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ungathanda uku... • Ngingamane ngi... • Kungani singa...? • Ngincamela uku... Ucabangani? • Ucabanga ukuthi kumele senzeni? • Ukube bekuya ngami bengi... • Ngicabanga ukuthi kumele si...
<p>UKUQAGELA/UKUCABANGELA</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ngingathi ukulungele uku... • Kungadinga u... • Kubukeka sengathi ... • Mhlawumbe udinga uku... • Mhlawumbe bafuna uku... • Kunzima ukusho, kodwa ngicabanga ukuthi... • Anginaqiniso kahle, kodwa ngicabanga 	<p>UKUNIKEZA ULWAZI ONEQINISO LWALO</p> <ul style="list-style-type: none"> • Banga/bayi... • Bacishe babe ... • Kunenani elikhulu la... • Uhlobo lwe... • Uhlobo olu...

<p>UKUVALELISA</p> <p>Uhambo olude, amaholide, njll.</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ube/nibe nohambo oluhle. • Nibe namaholide amnandi. • Nibe nesikhathi esimnandi e... <p>UKUBINGELELANA NGEMUVA KOHAMBO/ KWAMAHOLIDE</p> <ul style="list-style-type: none"> • Abe njani amaholide...? • Usithokozele isikhathi obe naso? • Lube njani uhambo lwakho? 	<p>UKUZIHLOLA/UKUZAHLULELA</p> <ul style="list-style-type: none"> • Lokhu kusebenze kahle ngoba... • Ngikwenze kahle lokhu ngoba ... • Bekuyokuba ngcono uku... • Inqubekela phambili iyacaca/ayicaci. • Lokhu kuphumelela ngoba...
--	---

3.2 UKUFUNDA NOKUBUKELA

Ukufunda/ukubukela kuhlangukisa izinto ezimbili: 1) ukufunda ukusebenzisa amasu okuhlakaza nokuqonda umbhalo 2) ukufunda ukusebenzisa ulwazi lwezimpawu zombhalo. Zombili lezingxenye kumele zibe khona uma kufundwa/imiyalelo yokubukela imibhalo yobuciko nokungeyona yobuciko.

Ukufunda/okuqokethwe okulungiselelwe ukubukela kokoku: 1) ukufundela ukuqondisisa no 2) ukwandisa ukufunda ngokuzimela.

Inqubo yokufunda

Ukufunda imiyalelo kujwayele ukufaka ukusebenza ngezingxenye zenqubo yokufunda. Lona umsebenzi ohlukene izinhloko ezintathu ezikhombisa amasu okufunda ngokuzimela okuhlakaza nokuqonda umbhalo. Akukona konke okusenqubweni yokufunda okusebenzayo ngasosonke isikhathi. Isibonelo, uma abafundi befunda uhlobo lombhalo abangawujwayele, bazodinga ukuqala ngomsebenzi wo**Kulungiselela ukufunda** okubaqoqoshisa ukubheka izimpawu zalolohlobo lombhalo, okuzobasiza ukuhlangukisa nabakwaziyo. Imisebenzi yoku**Funda** izobasiza ukuhlaziya isakhiwo sawo ngokubheka imininingwane eminingi. Okwenziwayo **Emva kokulalela** kwenza abafundi ukuba bazame ukukhiqiza uhlobo lombhalo abazibhalele ngokwabo

Inqubo yokufunda nokubukela

1. **Ukulungiselela ukufunda** kwethula abafundi embhalweni. Kuvuselela ukuxhumanisa nolwazi oludala.
 - Ukufunda ngokudlulisa amehlo kubonakale izimpawu zombhalo: izihloko, izihlokwana, izithombe, izinto ezibukwayo nolwazi olusamdwebo, isib. Isendlalelo, izimpawu, imidwebo, amagrafu, amashadi, izithombe, amamephu, amagama angumongo, ukubheka amagama, izithombe, njll.
 - Ukuqagela kusetshenziswa ulwazi olutholakale ekufundeni ngokudlulisa amehlo
 - Ukusebenza ngolwazimagama olungumongo olungajwayelekile kubafundi
2. **Ukufunda** kumbandakanya ukwakha umqondo wombhalo nokuqaphelisisa izimpawu zolimi
 - Ukwakha umqondo wombhalo ngokuzimisela
 - Ukuthola incazelo yamagama angajwayelekile nemifanekiso ngokusebenzisa amakhono okuhlakaza amagama nokutholakala engqikithini

- Ukusebenzisa amasu okuqondisisa: ukuxhumanisa, ukubhekelela ukuqondisisa, ukulinganisa isivini sokufunda ngendlela efanele ukuba lukhuni kombhalo, ukuphinda afunde lapho kunesidingo khona, ukuqhubeka nokubheka embhalweni ulwazi olungaba usizo, ukubuza nokuphendula imibuzo (ukusukela ezingeni eliphansi kuya kweliphezulu), ukwakha isithombe somqondo, ukwakha umqondo, ukufundela ukuthola umqondo ongumongo, ukunaka amagama akhethiwe nezakhiwo zolimi, ukukhumbula uhlobo lombhalo ngokwakheka kwawo kanye nezimpawu zolimi
- Ukwakha amanothi noma ukufingqa imiqondo engumongo .

3. Emva kokufunda ukuvumela abafundi ukubuka nokuphendula embhalweni wonke.

- Ukuphendula imibuzo esembhalweni kusukela kwesizingeni eliphansi ukuya kweliphezulu;
- Ukuqhathanisa nokubheka okuphikisanayo;
- Ukwakha isiphetho nokuveza imibono okungeyakho
- Ukuphinda ukhiqize uhlobo lombhalo okungowakho (lapho kudingeka khona)

Izibonelo zezinhlobo zemibuzo

Imibuzo ehlola ulwazi	<i>Ngubani...? Yini...? Kuphi?</i>
Imibuzo ehlola ukuqondisisa	<i>Ngubani longubabe...?</i>
Imibuzo esebenzisa ulwazi	<i>Ungenta umusho ngalesento? Ungenta imisho lefanako ngaleligama lelilandzelako?</i>
Imibuzo ehlaziyayo	<i>Ngabe loku kuyafana ne ...? Ngabe loku kwehlukile kune ...? Kungani lomlingisi atsandze...? Kuliciniso na kungemanga</i>
Imibuzo ehlolayo	<i>Ngukuphi kwaloku lokukhetsako?</i>

Ukukhetha inhlobo yombhalo

Othisha kumele benze isiqiniseko sokuthi abafundi abafundi bafunda izinhlobo ezehlukene zombhalo phakathi nonyaka. Kufanele kube nokulingana phakathi kwemibhalo efundelwa ukuqondisisa, ukuxhumana nokuwuthokozela.

UKUFUNDA NGOKUQAPHELISISA

1.1 Ukufunda ngokuqaphelisisa imibhalo ebhaliwe emfishane woKUQONDISISA ezingeni lamagama

Abafundi basebenzisa amasu anhlobonhlobo ukuhlukanisa umbhalo. Bakha ulwazimagama ngokusebenzisa amakhono okuwaveza nokuhlakaza amagama.

- Ukusebenzisa izichazamazwi nezinye izinto okuthathelwa kuzo ukusho incazelo yamagama, upelomagama, ukuphimisa amagama nezakhi zenkukumo zamagama angajwayelekile
- Ukubona incazelo ejwayelekile yeziqalo ezijwayelekile (isib, *Um-/umu-*) nezijobelelo ezijwayelekile (isib.).
- Ukusho incazelo yamagama nokuhlangana kwamagama ezigaba ezifanayo kusetshenziswa ulwazi lwemisuka ejwayelekile, isijobelelo neziqalo

- Ukusebenzisa ingqikithi yombhalo (isib. , ekucacisweni kwemisho), igama lokugcina elishiwo umuntu elivumela omunye ukuba aqhubeke nowakhe umugqa (isib, okhefana, abcaphuni) nemibhalo esazithombe (isib. ubuso obusho okuthile) ukusho incazelo yamagama angajwayelekile
- Ukubona nokusebenzisa izisho ezivamile nezaga, isib. *ngibambe elentulo*.
- Ukubona isisusa nokusebenza kwamagama amasha, isib. inkulumo yohlobo oluthile lwabantu, isib. tsotsi taal, amagama atshelekiwe, (isib. isitulo, ingilaziUkwehlukana phakathi kwamagama adidayo: omabizwafane, ophimbohluka, omqondofana, isib. *isife/isifo; inyanga/inyanga; ukuceba/ukuceba; ukubhunga/ukubonisana*
- Ukusebenzisa zonke izinhlobo zezifinyezo kanye nezifingqo
- Ukusebenzisa ulwazi lokusetshenziswa kolimi ukuveza incazelo. Bheka iZakhiwo zoLimi - ohleni olungezansi.

1.2 Ukufunda ngokuqaphelisisa imibhalo emifishane ebhaliwe WOKUQONDISISA osezingeni lomusho nelesigaba

Abafundi basebenzisa ulwazi lwabo lokusetshenziswa kolimi ukuqonda ukwakheka kwemisho nokuhleleka kwemibhalo. Isifundo sombhalo kulelizinga unikeza ithuba lokufundisa ngokudidiyela izakhiwo zolimi.

- Ukubona nokusebenzisa incazelo nemisebenzi yezakhiwo nezimiso zolimi embhalweni.

1.3 Ukufunda ngokuqaphelisisa imibhalo emifiishane ebhaliwe UKUQONDISISA ezingeni lombhalo wonke

Abafundi basebenzisa ulwazi lwabo imibhalo ewuhlobo nehlelekile abayifundile ukuqonda incazelo, okuhlosiwe nomthelela wombhalo wonke

- Ukuhlobanisa ulwazi abanalo nombhalo
- Ukwakha isiphetho; ngokombono ongowakho

1.4 Ukufunda ngokuqaphelisisa umbhalo omfishane wokuFINGQA NOKUTHATHA AMANOTHI

Abafundi basebenzisa ulwazi lwabo lokuqonda izimpawu zombhalo ukuwufingqa. Bheka amasu okufunda ngenhla

- Ukufunda ngokudlulisa amehlo ukubheka a imephu huzu angumongo wendikimba
- Ukuhlela a imephu huzu angumongo

1.5 Ukufunda ngokuqaphelisisa IZINDLELA EZEHLUKENE ZEMIBHALO NEMIBHALO EBONAKALAYO (Izindlela ezehlukene zembhalo zisebenzisa izinto ezibonakalayo nezibhaliwe ezitholakala embhalweni owodwa, isib. izikhangiso, amakhathuni. Bangaphinde bahlanganise loku nolimi ulukhulunywayo noma ngokwenza.)

Abafundi basebenzisa ulwazi lwabo lwemifanekiso nezinye izinto ezibonakalayo ukwazi ukuthi lezizinto zikusekela kanjani ukubhala ezindleleni ezehlukene zombhalo.

- Ukubona nokuxoxa ngenhloso nomyalezo yombhalo obonakalayo owakhelwe ukuzithokozisa, isib. ifilimu , amakhathuni , amavidiyo omculo, imidweshu yekhomikhi

UKUFUNDA IMIBHALO YOBUCIKO/IZINHLOBO

Abafundi basebenzisa amasu abawafundisiwe ngesikhathi sesifundo sokufunda ngokuqaphelisisa bezijabulisa. Ukululeka okwenziwa uthisha ngokutholakala kanye nezinga elifanele makucophelelwe kulengxenywe yaloluhlelo lokufunda.

UKUFUNDA OKWENGEZIWE NGOKUZIMELA/UKUBUKELA

Abafundi basebenzisa amasu abawafundisiwe ngesikhathi sesifundo sokufunda ngokuqaphelisisa bezijabulisa. Ukululeka okwenziwa uthisha ngokutholakala kanye nezinga elifanele makucophelelwe kulengxenywe yaloluhlelo lokufunda.

- Ukufinyelela emtapweni wolwazi nokwazi izimiso zokugcina incwadi
- Ukufunda/ukubheka ngokuvulelekile umbhalo wonke, isib. izincwadi, amaphephabhuku, amaphephandaba, iwebusayithi, amafilimu ngesikhathi sekuphunyiwe ekilasini.

IMIBHALO ESETSHENZISELWA UKIUHLANGANISWA KOKUFUNDISWA KWAMAKHONO OLIMI AMABANGA 7-9

Ukwengeza esifundweni sombhalo wobuciko ohlelekile, imibhalo okumele yenziwe emaBangeni esi-7-9 kufaka nokubhalwayo, okubonakalayo nemibhalo eyizinhlobo eziningi yezinhloso ezehlukene. Eminye imibhalo izofundelwa ukuvuselela umoya; eminye izofundelwa ukukhombisa nokwenza izibonelo uma kubhalwa

<p>Izinhlobo zemibhalo yobuciko ezofundwa.</p> <p>Izinhlobo eziphakanyisiwe Lezinhlobo ezilandelayo ezemibhalo yobuciko ephakanyisiwe njengoba zifakwe kuKhathalokhi yeMibhalo yobuciko kaZwelonke:</p> <p>linoveli emfishane</p> <p>Izindaba ezimfishane/Inganekwane (Ibanga lesi- 7 – 1 indaba) (Ibanga lesi- 8 – 1 indaba) (Ibanga lesi- 9 – 2 izindaba)</p> <p>lidrama emfishane</p> <p>Ubunkondlo (Ibanga lesi- 7 – 2 izinkondlo) (Ibanga lesi- 8 – 2 izinkondlo) (Ibanga lesi- 9 – 3 izinkondlo)</p> <p>Ukunothisa ulwazi Ifilimu Uchungechunge lezinhlelo zikamabonakude ezikhethiwe/izinhlelo zengxoxo Imidlalo yomsakazo Ama-iseyi Imibhalo engemilando yabantu Izinganekwane Izinsumansumane nezinsomi</p>	<p>Umbhalo obhalelwa ulwazi Izichazamazwi Enisaykilophediya Amasheduli Ibhuku locingo Izincwadi Ithebula lesikhathi Iziqondiso ngomabonakude</p> <p>Imibhalo yabezindaba Isiqeshana sephephabhuku Iziqeshana zephephandaba Editnoma ials Izaziso Izikhangiso</p> <p>Izinhlobo ezibhalwayo zemibhalo elalelwayo Inkulumompendulwano Izinkulumo Amaculo</p> <p>Umbhalo wabantu wokuxhumana Izincwadi Amadayari Izimemo Ama-imeyili Ama-sms, itwitter Amanothi Imibiko</p> <p>Imibhalo yabantu kwezohwebo</p>	<p>Imibhalo eyizinhlobo eziningi/ imibhalo yolwazi ebonakalayo Amashadi, amamephu Amagrafu, amathebula, iphayi shathi Umbhalo osabulwembu, imidwebo Amaphosta Iziqeshsna zokukhangisa, amaphamfulethi, amabhurosha Izimpawu izinhlelo zikamabonakude zengxoxo amakhasi ewebu, i-internet, amablogi iFacebook nezinye izindlela zokuxhumana Umshini wokukhombisa umbhalo nesithombe odongeni itransiparensi</p> <p>Imibhalo eyizinhlobo eziningi/ umbhalo obonakalayo ngenhloso yokuvuseleleka umoya Ifilimu Izithombe Imidwebo</p> <p>Imibhalo eyizinhlobo eziningi/ umbhalo obonakalayo wokuzithokozisa Ifilimu Izinhlelo zikamabonakude Amavidiyo omculo Amakhathuni Imidweshu yekhomikhi iGraffiti</p> <p>Umbhalo olalelwayo umsindo ozwaka endaweni ezungezile Izinhlelo zomsakazo Ukufundwa kweidrama Ukufundwa kweinoveli i noma indaba emfishane Izinkulumo eziqoshiwe</p> <p>Izikhangiso emsakazweni , kumabonakude, ephephandabeni nase imephephabhukwini</p>
---	---	---

Ubude bombhalo okumele ofundwe ngesifundo sokuqaphelisisa/ukuqondisisa nokufingqa

	AMABANGA	UBUDE BEMIBHALO
Umbhalo wokufunda kuzwakale	7	Amagama angama-40 – 70
	8	Amagama angama-70 – 90
	9	Amagama angama-90 – 100
Isifundo sokuqondisisa	7	Amagama angama-40 – 70
	8	Amagama angama-70 – 90
	9	Amagama angama-90 – 100
Ukufingqa	7	Amagama angama-80
	8	Amagama angama-100
	9	Amagama angama-120

3.3 UKUBHALA NOKWETHULA: INQUBO, OKUQUKETHWE, AMASU NOMBHALO

Ukubhala nokwethula kuhlangukise izinto ezintathu: 1) ukusebenzisa inqubo yokubhala 2) ukufunda nokusebenzisa ulwazi lwesakhiwo nezimpawu zemibhalo ehlukeni 3) ukufunda nokusebenzisa ulwazi lwesigaba nokwakheka komusho nezimpawu zokuloba

Inqubo yokubhala

Ukubhala imiyalelo ngokuvamile ifaka ukusebenza ngenqubo yokubhala. Kodwa-ke, akuzona zonke izinyathelo ezizebenza kuzozonke izimo. Isibonelo, uma abafundi bebhala inhlobo yombhalo abawujwayele, abazodinga ukuhlaziya isazkhiwo nezimpawu zolimi ngokwemininingwane ejulile. Kungaphinde kube nezikhathi lapho uthisha okungadingeka ukuba agxile ekwakhiweni komusho noma ekubhalweni kwesigaba, noma abafundi babhale ngaphandle kokusebenzisa uhlaka lokuqala ukulungiselela izivivinyo.

Ukukhetha uhlobo lombhalo

Othisha kumele benze isiqiniseko ukuthi abafundi babhala izinhlobo ezehlukene zemibhalo imephu hakathi nonyaka. Kufanele kube nokulingana phakathi kwemibhalo ebhalelwa izinhloso ezehlukene: imibhalo yokuxhumana, eyokuziqambela, imibhalo emayelana naye/engaye uqobo, njll. Othisha kumele bakhethe uhlobo lwemibhalo nezihloko ezifanele abangabhala ngazo, isibonele, isigaba esilandayo/esichazayo ngesihloko esithi: “Ukudla engikuthandayo”.

Izinyathelo ezitholakala enqubweni yokubhala

Ukulungiselela ukubhala

- Ukuvezela abafundi ulwazimagama olufanele nohlobo lombhalo olufanayo.
- Ukjuveza imiqondo ehlukeni ngesihloko

Ukuhlela

- Ukwakha uhlelo ngombhalo kusetshenziswa isakhiwo nemiqondo okuxoxwe ngayo esigabeni sokulungiselela ukubhala
- Ukubona imiqondo engumongo, ngokusebenzisa umbhalo osabulwembu
- Ukulandelanisa imiqondo ngendlela elandelana kahle ukuze izwakale kahle

Uhlaka

- Ukubhala uhlaka lokuqala oluzobhekelela inhloso , izethameli, isihloko nenhlobo yombhalo
- Ukukhetha amagama afanele.
- Ukuhlela imiqondo ngendlela elandelana kahle ukuze izwakale kahle
- Ukuhlela imiqondo/noma izithombe
- Ukufunda uhlaka ngokucubungula bese kutholakala umbiko ovela kuthisha ngalo

Ukubuyekeza, ukulungisa a imephu hutha, ukufunda ngenhloso yokubheka a imephu hutha nokwethula

- Ukuhlola imibhalo yabo neyabanye ukuyenza ngcono kusetshenziswa imigomo ebekiwe
- Ukucolisisa ukukhethwa kwamagama, umusho nesakhiwo sesigaba
- Ukusebenza ngokulandelanisa nokuxhumana kwezigaba
- Ukusebenzisa ukusetshenziswa kolimi , upelomagama nezimpawu zokuloba ngokufanele
- Ukulungisa uhlaka lokugcina ukufaka nesendlalelo
- Ukwethula umbhalo

Abafundi basebenzisa ulwazi lwabo lwezakhiwo nezimiso zolimi ukubhala umbhalo**Ukukhethwa kwamagama**

- Ukwazi nokusetshenziswa kwezinhlobonhlobo zolwazimagama
- Ukwazi ukuthi igama liyiyiphi ingxenye yenkulumo nokuthi lisetshenziswa kanjani emushweni
- Ukwazi ukuthi igama lihlelekile, alihlelekile, noma liwulimi olusetshenziswa iqoqo elithile labantu (noma oluchukuluzayo) nokuthi lisetshenziswa kanjani ngokufanele (noma alizange nhlobo)
- Ukupela amagama ngendlela efanele
- Ukusebenzisa isichazamazwi esinolimi olulodwa noma ezimbili, ukwandisa ulwazimagama
- Ukugcina isichazamazwi okungesakho noma incwadi yolwazimagama ukwandisa ulwazimagama

Ukwakhiwa kwemisho

- Ukubhala imisho eqondile noma embaxa
- Ukusebenzisa izihlanganiso ukuhlanganisa imishwana emishweni embaxa: isib. ne-, kodwa, noma, kanjalo, kwase, manje

Izimpawu zokuloba

- Ukwazi nokukhona ukusebenzisa izimpawu zokuloba ezilandelayo ngendlela efanele nangokucophelela: ungqi, ukhefana, ikholoni, isemikhholoni, ikhongco, isimelihlamvu, umbuzi, isibabazi, abakaki, abacaphuni

Ukubhalwa kwesigaba

- Ukubhala izigaba ezilandelana ngendlela efanele

Amagama afanele

- Ukusebenzisa amagama afanele.

Izinhlobo zemibhalo – isakhiwo nezimpawu zolimi

Ithebula elingezansi lichaza uhla lwezinhlobo zemibhalo abafundi abangafundiswa ukuyibhala emaBangeni esi- 7 - 9; eminye imibhalo ingafakwa lapho kudingeka khona.

Imibhalo yokuzakhela

UHLOBO LOMBHALO	INHLOSO	ISAKHIWO SOMBHALO	IZIMPAWU ZOLIMI
Olandayo	Ukuthokozisa		Obhalwe kwasetshenziswa umuntu wokuqala nona wesithathu Obhalwe waba senkathini edlule noma yamanje Izehlakalo zichazwe ngokulandelana Osebenzise inkulumpendulwano
Ochazayo	Ukuchaza okuthile-	Ukuchaza: isib. Kwenzekani esithombeni	Ungabhalwa ubeesnkathini yamanje Wakhe isithombe ngamagama Usebenzise izichaziso, izandiso

Imibhalo emide nemifishane yokuxhumana

INHLOBO YOMBHALO	INHLOSO	ISAKHIWO SOMBHALO	IZIMPAWU ZOLIMI
Idayari	Ukubhala nokuveza izehlakalo ngawe/nokuhlela okusazokwenzeka	Ngokujwayelekile kubhalwa encwadini ethile ebalulekile (idayari noma ijenali) Okwenzekayo kubhalwa njalo (isib. Nsukuzonke noma masonto onke) Okubhalwayo kufakelwa usuku	Ngokujwayelekile kubhalwa kusetshenziswa inkathi yamanje/edlule/ezayo Ibhaleka ngendlela engahlelekile kodwa engachukuluzi Umbhali uzibhalela yena uqobo
Incwadi yobungani	Ukwazisa nokugcina ubudlelwano	Ikheli, usuku nokubingelela Ukwakhekha komyalezo kungahluka kuncike enhlosweni (isib. Ukulandela izindaba, ukuhalalisela, ukuzwelana) Ukuvala, ukusayina	Ngokujwayelekile ulandela uhlelo olungahlelekile Izimpawu zolimi zingahlukahluka kulandela inhloso yombiko
Inkulumompendulwano	Ukuxhumana	Isingeniso nesiphetho Ezimpawu ezikhethekile zenkulumompendulwano	Izimpawu zokuloba Inkulumo ngqo Amagama abuzayo Inkathi yamanje nezayo
Isimemo	Ukumema omunye emcimbini noma ukuzokwenza okuthile	Singaba sesimweni sokuthumela incwadi eya kumuntu noma kusebenze ikhadi lesimemo. Kufakwe: Uhlobo lomcimbi Lapho ozokwenzeka khona Usuku nesikhathi Singafaka nendlela okulindeleke ukuba kugqokwe ngayo Igama lesimenywa Singafaka nesikhala sempendulo/RSVP Singakhekha ngendlela yokuthi kucace ukuthi umcimbi waluphi uhlobo ngokubuka ikhadi lingakafundwa ukuthi liquketheni	Kungaba uhlelo lwesimemo esihlelekile noma esingahlelekile Okushaya emhloweni ngokuphelele – kafishane kuqonde ngqo
Iposikadi/umyalezo/imeyili	Ukwazisa nokuxhumana	Isibingelelo, ikheli, nokuhleleka kwe-imeyili	<i>Inkathi yamanje eqondile/inkathi ezayo/ inkathi edlule</i>

Imibhalo yokuzinithisa ngolwazi

UHLOBO LOMBHALO	INHLOSO	ISAKHIWO SOMBHALO	IZIMPAWU ZOLIMI
Ukuzinithisa ngolwazi: Ukugcwalisa amafomu	Inhlobonhlobo isib. ukufaka isicelo sekhadi lasemtapweni wolwazi, njll.	Kuzohluka ngokwenhloso isib. Igama, Ikheli, Ubudala, Isikole njll.	Umntu ogcwalisa ifomu kumele afingqe, acophelele, kube ngokuhlelekile, kubukeke kahle (okubhaliwe kumele kufundeke kalula)
A imephu heshana okukhangisa	Ukunxenxa umuntu ukuba athenge okuthile noma asebenzise usizo olutholakalayo	Lincane isib. iphepha elingu-A5 Isihloko esithatha amehlo Ukuchaza kafishane ngomkhiqizo Uhla lezinto ezitholakala kulowomkhiqizo nezaphulelo Imininingwane yokuxhumana isib. iwebusayithi Makusetshenziswe imifanekiso ebonakalayo	Ukukhuluma ngqo nomfundi ngolimi olushaya eskhonkosini Ingenza umehluko kumfundi isib. izichasiso, izandiso nokusebenza kwezimpawu zokuloba
isikhangiso	Ukunxenxa umuntu ukuba athenge okuthile noma asebenzise usizo olutholakalayo	Ingathatha izindlela eziningi ezahlukahlukene Kujwayele ukusetshenziswa imifanekiso ebonakalayo Ukusebenzisa amasu okukhangisa Ukusebenzisa imifanekiso eyenza isikhangiso sihehe/ sithathe amehlo futhi sikhumbuleke	Ingenza umehluko kumfundi isib. izichasiso, izandiso nokusebenza kwezimpawu zokuloba
Ukunikeza imiyalelo, izinkomba nemithetho	Ukuchaza noma ukuyalela ukuthi into yenziwa kanjani ngokunikeza imiyalelo eminingi enezinyathelo elandelayo	Uhla lemiyalelo elandelayo ukufeza injongo.	Ukubhala ngendlela eqondisayo isib. jikela kwesokudla ngasesitolo ngendlela yokulandelanisa isib. Sebenzisa izinombolo namabhulethi ukuveza ukulandelana

Ubude bombhalo okhizwa ngokubhala

	AMABANGA	UKUBHALWA KWAMAGAMA NGENDLELA EHLUKANISAYO
Izigaba: elandayo nechazayo	7	30 - 50 amagama
	8	50 - 70 amagama
	9	70 - 90 amagama
Imibhalo emide yokuxhumana: Izincwadi zobungani/ inkulumompendulwano	7 -9	50-70 amagama (okuqukethwe kuphela)
Imibhalo emifishane yokuxhumana: Izikhangiso/Ukubhalwa kwedayari/A imephu hosikhadi/Amakhadi esimemo/ Ukugcwalisa amafomu/Izinkomba/ Imiyalelo/Iziqeshana zokukhangisa/A imephu hosta/ama-imeyili	7-9	30 – 40 amagama (okuqukethwe kuphela)

3.4 IZAKHIWO NEZIMISO ZOLIMI – UHLA OKUTHATHELWA KULO

Lezakhiwo zolimi ezilan delayo zingafundiswa engqikithini yokufunda nokubhala, nanjengengxenywe yohlelo lokusetshanziswa kolimi. Ezinye zalezakhiwo kufanele ukuba zethuliwe emabangeni aqalile kodwa zingaphinde zibuyekezwe:-

Amabizo	<p><i>Amabizo abonakalayo</i> (isib. umuntu, isicathulo, njll)</p> <p><i>Amabizo angabonakaliyo</i> (ukufa, umoya, inzondo, njll)</p> <p><i>Amabizo anobunye nobuningi</i> (isib. umuntu/abantu, isihlalo/izihlalo, njll)</p> <p><i>Amabizo angehlukani ubunye nobuningi</i> (isib. amanzi, ububi, ukudla, njll)</p> <p><i>Amabizomvama</i> (isib. isihlahla, indlela, njll)</p> <p><i>Amabizoqoqa</i> (isib. iqulo lezinyosi, umhlambi wezinkomo, njll)</p> <p><i>Amabizoqho</i> (isib. uSipho, iTheku, uZwane, njll)</p>
Isabizwana	<p><i>Isabizwana soqobo</i> (isib. mina, wena, thina, yona, bona, yena, njll)</p> <p><i>Isabizwana sokukhomba</i> (isib. lona, lowo, lowaya, njll)</p> <p><i>Isabizwana sokubala</i> (isib. -nke, -dwa, -bili, thathu, njll)</p>
Izichasiso	<p><i>Iziphawulo zonke</i> (isib. omuhle, okhulu, njll)</p> <p><i>Isibaluli</i> (isib. oqatha, oqotho, njll)</p> <p><i>Ongumnini</i> (isib. lami, kababa, wami, njll)</p> <p><i>Inani</i> (isib. mumbe, muni, muphi, munye, njll)</p>
Izandiso	<p><i>Isandiso sendawo</i> (isib. phandle, kuye, kude, njll)</p> <p><i>Isandiso sesimo</i> (kahle, kabi, kanje, njll)</p> <p><i>Isandiso senkathi</i> (isib. izolo, emini, ekuseni, njll)</p>
Izindlela zesenzo	<p>Indlela eyamile/encikile: ngizomshaya uma ngimbona.</p> <p>Indlela ephoqayo: Hlala phansi!</p> <p>Indlela yesimo: ingane ihamba ikhala.</p>
Izenzo	<p><i>Eziqala ngonkamisa</i> (isib. elula, aba, akha, njll)</p> <p><i>Eziphundulekile</i> (isib. azi, ithi, isho)</p> <p><i>Ezinhlamvumbili</i> (isib. hamba, hleka, vuka, njll)</p> <p><i>Ezinhlamvuntathu</i> (isib. khuluma, khululeka, xukuza, njll)</p>
Izimpambosi	<p>Eyokwenzana ibonakala ngesakhi –ana</p> <p>Eyokwenzeka ibonakala ngesakhi –eka</p> <p>Eyokwenzela ibonakala ngesakhi –ela</p> <p>Eyokwenzisa ibonakala ngesakhi –isa</p> <p>Eyokwenzisisa ibonakala ngesakhi –isisa</p> <p>Eyokwenzayenza ibonakala ngokuphindwa kwesiqu sesenzo</p> <p>Eyokwenziwa ibonakala ngesakhi u-wa</p>
Isikhanyiso	<p><i>Isenzukuthi</i>: isib. muhlu, phihli, saka</p> <p><i>Isandiso</i>: isib. esenkathi, esesimo, esendawo,</p>
Inkulumombiko	<p>USenzo wathi uzongibona ngeSonto ekuseni.</p> <p>Umama wabuza ukuthi ngiyawuthanda yini umculo wokholo</p>
Isenzo nenkathi	<p>Inkathi yamanje (<i>isib. Ngifunda isiZulu</i>)</p> <p>Inkathi yamanje eqhubekayo (<i>isib. Ngisapheka ukudla</i>)</p> <p>Inkathi edlule (<i>isib. Ngafunda isiZulu</i>)</p> <p>Inkathi ezayo (<i>isib. Ngizofunda isiZulu</i>)</p> <p>Izindlela zesenzo (<i>isib. Eqondile, eyamandla, eyamile/encikile, esabizo, eyenhloso, ephoqayo</i>)</p>

3.5. IZINHLELO ZOKUFUNDISA EZIPhakanyisiwe

Losomqulu uphakamisa ukuthi umjikelezo ngamunye kumele ufake indima eyodwa noma ezingaphezulu egxile ekhonweni ngalinye: ukulalela, ukukhuluma, ukufunda, ukubukela, ukubhala, ukwethula nolimi. Umjikelezo ngamunye uzonikeza imisebenzi okumele ifundwe abafundi, ukufunda noma ukubukela uchungechunge lokukhulunywayo, okufundwayo nemibhalo ebonakalayo. Emjikelezweni ngamunye imisebenzi izoholela ukuthi abafundi benake ukusetshenziswa kolimi okufanele nezinhlobo zemibhalo. Onyakeni, kungalinganiselwa emjikelezweni engaba ama- 18 engenza zonke izingxenye zokufunda nokufundisa esikhathini samasonto angama-36. Ukwengeza, izinga lobulukhuni kuwona wonke amazing lizonyuka ukusuka kwenye ithemu ukuya kwenye nonyaka ukuya komunye unyaka emazingeni aPhakeme. Inqubekela phambili iba yingxenye yokuhlela izinhlelo zokufunda. Lesakhiwo sinikeza abafundi nothisha amathuba okwakha ingqikithi, ukuhlanganisa ulwazimagama, nokuzijwayeza nezakhiwo zolimi esikhathini samasonto amabili ngaphambi kokudlulela kwamanye amakhono. Ngesikhathi esifanayo kutholakala izinhlobo eziningi ezingenziwa zilungele iqembu lelo. Isibonelo, “Izingubo” kuba yingqikithi ejwayelekile yokufundisa, kodwa ingalandelwa umjikelezo okhuluma ngesimo sezulu.

Ukufundisa ulimi ngokuhlanganisa: umjikelezo wokufundisa

Ekufundiseni, ukuhlanganisa kusho izinhlobonhlobo: izinhlobo zezindlela, zemisebenzi, zemibhalo nezindikimba (Bheka Izindikimba Eziphakanyisiwe – Uhla lokuthathelwa kuko ngezansi). Uma wakha umjikelezo wamasonto amabili ohlanganisayo, uthisha angabhangqa imisebenzi engaba mayelana nesihloko isib. Umdlalo. Ukulandelana kwezifundo emjikelezweni wamasonto amabili kungalandela noma iluphi uhlelo, isib. umjikelezo ungaqala ngokufunda, bese uqhubekela ekulingiseni (ukukhuluma) okungalandelwa ukubhala. Noma imuphi umbhalo ungasetshenziselwa okuchazwe ngezansi.

Uthisha angakhetha umbhalo wobuciko wesifundo. Kungaba izinkondlo , inoveli emfishane , indaba emfishane, idrama emfishane (bheka “imibhalo esetshenziselwa ukufundisa ngokuhlanganisa amakhono olimi.”) uthisha angakhetha elandela noma iluphi uhlelo ukufundisa imibhalo. Uma uthisha ekhetha umbhalo omude oqhubekayo ofana neinoveli emfishane noma idrama emfishane kunconywa ukuthi kumele kuqhubekwe ukufundiswa ukuze abafundi bengezokhohlwa umyayelezo oqukethwe. Uma inoveli emfishane noma idrama emfishane ikhethiwe, uthisha uzodinga ukuhlukanisa umbhalo ube izigaba eziningi ngendlela isikhahi esingamvumela ngayo. Ingxenye ekhethiwe yomsebenzi ingafundwa njengomsebenzi wasekhaya noma ingxenye yomsebenzi wokwengeza wokufunda.

Lezinhlelo zemfundo zethula ngokucacile okugxilwa kukho ekusetshenzisweni kolimi. Ukuzejwayeza ulimi kungathatha isikhathi esiyihora njalo emasontweni amababili, okunengxenye efundiswe engqikithini enokubhala nokufunda, nengxenye efundiswe ngokucacile. Ukwengeza kokulungiselelwe ukufundisa ukusetshenziswa kolimi kuzoba nokufundisa kokulekelela abathatha kancane noma ukubuyekeza okuthathelwe e imephu hutheni enziwe abafundi kade kubhalwa.

IZINDIKIMBA EZIPHAKANYISIWE – UHLA OKUTHATHELWA KULO

<ul style="list-style-type: none"> • Umndeni • Umzimba • Izingubo • Isimo sezulu nezikhathi zonyaka • Izithuthi • Indlu • Ukudla • Umdlalo • Umculo • Isikole 	<ul style="list-style-type: none"> • Okuthandayo • Izilwane • Imibala • Izindawo • Isikhathi • Izinsuku nezinyanga • Imvelo/nendalo • Izibingelelo • Okuthandayo nongakuthandi • Imizwa
---	---

3.6 ITHEBULA LOKUNDLALEKA KOMBHALO

AMASONTO	IBANGA LESI- 7	IBANGA LESI- 8	IBANGA LESI- 9
ITHEMU YOKU- 1			
1 & 2	Umbhalo oqukethe ulwazi isib. inkulumompendulwano	Umbhalo oqukethe ulwazi isib. inkulumompendulwano	Inkulumompendulwano
3 & 4	Iculo noma inkondlo	umlolozelo, iculo, inkondlo	umlolozelo, inkondlo/iculo
5 & 6	Umbhalo oqukethe ulwazi: okubonakalayo, isib. ikhalenda	Umbhalo oqukethe ulwazi isib. izithombe	Umbhalo oqukethe ulwazi – ukugcwalisa ifomu
7 & 8	Umbhalo oqukethe ulwazi: inkulumompendulwano	Umbhalo obonakalayo isib. izithombe, ikhathuni	Umbhalo obonakalayo - izithombe
9 & 10	Umbhalo wokufunda	Umbhalo oqukethe ulwazi	Umbhalo oqukethe ulwazi – inkulumompendulwano/inkulumo
ITHEMU YESI- 2			
1 & 2	Umbhalo oqukethe ulwazi: inkulumompendulwano	Umbhalo oqukethe ulwazi isib. isithombe Indaba emfishane/ingane kwane	Umyalelo, isib. ukunikeza inkomba
3 & 4	Umbhalo oqukethe ulwazi, isib. imephu	Umbhalo oqukethe ulwazi isib. ishedula,/idayari/ithebula yesikhathi	Umbhalo oqukethe ulwazi, isib. ukunikeza inkomba
5 & 6	Umbhalo oqukethe ulwazi: okubonakalayo	Umbhalo oqukethe ulwazi isib. izithombe	Umbhalo oqukethe ulwazi – Umbiko wesimo sezulu, imephu, inkondlo, iculo
7 & 8	Inkondlo noma iculo	Umbhalo oqukethe ulwazi isib. imidlalo nenkulumompendulwano	Umbhalo oqukethe ulwazi – Umbiko wesimo sezulu, imephu, inkondlo, iculo
9 & 10	UKUHLOLA OKUQOQAYO		
ITHEMU YESI- 3			
1 & 2	Umbhalo wokudlulisa umyalezo , isib. incwadi	Umbhalo wolwazimagama	Isifundo sokuqondisisa nombhalo wokufunda
3 & 4	Umbhalo obonakalayo isib. isithombe	Umbhalo wokudlulisa umyalezo , isib. iresiphi inkulumompendulwano	Umbhalo wokubonakalayo
5 & 6	Umbhalo oqukethe ulwazi , isib. inkulumompendulwano	Umbhalo oqukethe ulwazi isib. umsakazo/Uhlelo lukamabonakude	Umbhalo wokubonakalayo
7 & 8	Umbhalo oqukethe ulwazi , isib. imephu Inkondlo, indaba emfishane , inoveli noma idrama	Umbhalo oqukethe ulwazi isib. inkulumompendulwano	Umbhalo oqukethe ulwazi , isib. inkulumompendulwano , izithombe
9 & 10	indaba, izinkondlo , amaculo, ikhathuni, idrama nenoveli	Indaba emfishane/izinkondlo/ amaculo/idrama emfishane/ inovelemfishane	Indaba emfishane/amaculo/ idrama/inoveli/inkondlo
ITHEMU YESI- 4			
1 & 2	Umbhalo obonakalayo	Umbhalo wolwazimagama	Umbhalo obonakalayo
3 & 4	Umbhalo oqukethe ulwazi	inkondlo/iculo/indaba	Umbhalo oqukethe ulwazi , isib. inkulumompendulwano
5 & 6	Umbhalo oqukethe ulwazi	Umbhalo obonakalayo, inkondlo	Umbhalo wolwazimagama
7 & 8	Iculo , inkondlo	umbhalo wokuziqambela wokudlulisa imiyalezo	Iculo , inkondlo
9 & 10	UKUHLOLA OKUQOQAYO		

Ukuphendula uhlelo lokufundisa libe imisebenzi yokufunda nokufundisa

Isibonelo esithathelwe OHLELWENI LOKUFUNDISA leBanga lesi- 7, iThemu yoku-1, Isonto loku- 1 nelesi- 2 (isifundo semizuzu e-6 x 40) = 4 amahora okufundisa

IBANGA Lesi-7 Ithem 1				
Amasonto	Ukulalela nokukhuluma Ihora eli-1	Ukufunda nokubukela Ihora eli-1	Ukubhala nokwethula Ihora eli-1	Izakhiwo nezimiso zolimi Ihora eli-1 (okudidiyelwe nokucacile)
1 & 2	<p>Ukulalela ukuthola ulwazi oluthile.</p> <p>Fundisa izimpawu zokulalela ukuthola ulwazi.</p> <p>Ikilasi lilalela isib. Inkulumo mpendulwano eqoshiwe gabantu uma behlangana bebingelelana.</p> <p>Ukukhuluma okungalungiselelwe:</p> <p>Ikilasi lizilolongela ukuhlangana libingelelane ngababili</p>	<p>Ukufundela ukuqondisisa ezingeni lamagama nelemisho:</p> <p>Isib. inkulumompendulwano phakathi kwabantu bebingelelana beqala ukubonana, bebuzana ukuthi bangobani nokuthi bayaphila yini.</p>	<p>Ukuqamba:</p> <p>Isigaba esichazayo.</p> <p>Yethula inqubo yokubhala:</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ukuhlela • Ukubhala izinhlaka zokuqala • Ukubuyekeza • Ukufundisisa ukuze ucacise • Ukulungisa amaphutha kanye nokwethula <p>Isib. bhala isigaba esichazayo.</p> <p>Bhala imisho uzilolongela ukwethula bese uchaza omunye kwabanye – ubuye wenza isigaba esichazayo usebenzisa lemisho uyihlele ngokulandelana.</p>	<p>Iziphawulo ezimbalwa ezilula.</p> <p>Ukusetshenziswa kwenkathi yamanje elula.</p> <p>Ulwazimagama olutholakala engqikithini.</p>

Indikimba yomjikelezo: Ukuhlangana nokubingelela

Isifundo soku- 1: (Okuningi ukulalela nokukhuluma)

- Ukwethula: ukubingelela nokuzethula. Ukufundisa abafundi ukuthi kumele bazethule kanjani.
- Ulwazimagama oluhambisana nendikimba.
- Ukufundisa izimpawu zokulalela ulwazi

Isifundo sesi- 2: (Okuningi ukulalela nokukhuluma)

- Ukulalela izikhathi eziningi kunkulumompendulwano yabantu bebingelelana.
- Abafundi benza ngababili ukuhlangana nokubingelelana.

Isifundo sesi- 3: (Okuningi ukufunda)

- Ukubuka izithombe, izihloko zenkulomompendulwano.
- Abafundi bafunda buthule, emva kokuba uthisha ephinde wafunda kuzwakala, ngesikhathi abafundi bezama ukuqonda inkulumompendulwano.

- Uthisha uchaza ukusetshenziswa kolimi nolwazimagama
- Umsebenzi wasekhaya: abafundi baphinde bafunde inkulumompendulwano baphendule nemibuzo, isib. iqiniso/amanga.

Isifundo sesi- 4: (Kuxubile)

- Okunye kokusetshenziswa kolimi okuhlanganisa izimpawu zombhalo
- Ukuchaza inqubo yokubhala
- Abafundi bafunda izibonelo zezigaba ezichazayo
- Umsebenzi wasekhaya: abafundi bazijwayeza ukubhala imisho elula yokwethula nokuchaza umuntu, kusebenza ukusetshenziswa kolimi njengoba kuchaziwe.

Isifundo sesi- 5: (Okuningi ukubhala)

- Abafundi babhala isigaba esichazayo

Isifundo sesi- 6: (Ukubhala)

- Abafundi balungisa a imephu hutha baphinde babhale uhlaka lokuqala lwesigaba

Emakhasini alandelayo Izinhlelo Zokufundisa zinikeziwe zeBanga ngalinye lesi-7, 8 nelesi- 9. Qaphela ukuthi lezi IZIBONELO zokuhlela ukufundisa Ulimi Lwesibili Lokwengeza esikhathini esingangonyaka.

3.6.1 IBANGA LESI-7

IBANGA Lesi-7 ITHEM 1				
Amasonto	Ukulalela nokukhuluma Ihora eli-1	Ukufunda nokubukela Ihora eli-1	Ukubhala nokwethula Ihora eli-1	Izakhiwo nezimiso zolimi Ihora eli-1 (okudidiyelwe nokucacile)
1 2 3	<p>Ukulalela ukuthola ulwazi oluthile. Fundisa izimpawu zokulalelela ukuthola ulwazi. Ikilasi lilalela isib. Inkulumo mpendulwano eqoshiwe gabantu uma behangana bebingelelana.</p> <p>Ukukhuluma okungalungiselelwe: Ikilasi lizilolongela ukuhlangana libingelelane ngababili</p>	<p>Ukufundela ukuqondisa ezingeni lamagama nelemisho: Isib. inkulumompendulwano phakathi kwabantu bebingelelana beqala ukubonana, bebuzana ukuthi bangobani nokuthi bayaphila yini.</p>	<p>Ukuqamba: Isigaba esichazayo. Yethula inqubo yokubhala:</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ukuhlela • Ukubhala izinhloko zokuqala • Ukubuyekeza • Ukufundisa ukuze ucacise • Ukulungisa amaphutha kanye nokwethula <p>Isib. bhala isigaba esichazayo. Bhala imisho uzilolongela ukwethula bese uchaza omunye kwabanye – ubuye wenza isigaba esichazayo usebenzisa lemisho uyhlele ngokulandelayo.</p>	<p>Iziphawulo ezimbalwa ezilula. Ukusetshenziswa kwenkathi yamanje elula. Ulwazimagama olutholakala engqikithini.</p>
4 5	<p>Ukulalela ukuncoma: Ukulalela iculo/inkondo yosonhlamvukazi. Sebenzisa lokhu ukupela amagama athile abangawabhala njengengxenye yokuqondisa abakulaleli</p> <p>Ukukhuluma okulungiselelwe: Isib. Lingisa indlela yokuhlangana nokubingelela.</p>	<p>Umbhalo buciko woku: Funda inkondlo/iculo isib. elifanayo nalelo elisetshenzisiwe ekulaleleni ukuqondisa nokuthokozela.</p>	<p>Imibhalo emide edlulisa umyalezo: Yethula inqubo yokubhala:</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ukuhlela • Ukubhala izinhloko zokuqala • Ukubuyekeza • Ukufundisa ukuze ucacise • Ukulungisa amaphutha kanye nokwethula <p>Bhala inkulumo-mpendulwano.</p>	<p>Inkulumo ngqo. Ukubuza imibuzo Izimpawu zokuloba. Yethula izenzo ezisha. Ukulungisa indlela yokusetshenziswa kolimi kokubhalwe abafundi. Ulwazimagama olutholakala engqikithini.</p>

Amasonto	Ukulalela nokukhuluma Ihora eli-1	Ukufunda nokubukela Ihora eli-1	Ukubhala nokwethula Ihora eli-1	Izakhiwo nezimiso zolimi Ihora eli-1 (okudidiyelwe nokucacile)
5 & 6	<p>Ukulalela ukuthola ulwazi nokuqondisisa: Isib. isinsuku zesonto, izinyanga zonyaka nezinombolo. Ulwazi olugcwaliswa kwifomu isib. ikhalenda: Izinsuku zesonto; izinyanga zonyaka.</p> <p>Ukukhuluma okungalungiselelwe nomsebenzi wamaqembu: Amaqembu abuzana imibuzo nezimpendulo esebenzisa isib. umbhalo obonwayo njengekhalanda.</p>	<p>Ukufundela ukuqondisisa ezingeni lamagama nemisho: Yethula izimpawu zombhalo obonywayo. Buka bese uxoxa ngemibhalo ebonakalayo ehlobonhlobo isib. umfanekiso, isithombe. Isib. Buka ithebula lesikhathi lesikole. Kanye Isib. Funda umbhalo endikimbeni isib. 'Isikole'</p>	<p>Umbhalo wokuziqambela: Isib. ukwenza ithebula lezikhathi ngolimi olifhosiwe/gcwalisa ifomu ngokomsebenzi wokulalela.</p>	<p>Amabizo Izenzo Ukusho isikhathi. Ulwazimagama olutholakala engqikithini.</p>
7 & 8	<p>Ukulalela ukuqondisisa. Isib. ukulalela inkuluma yabafundi beveza ukuthi iziphi izifundo abazithandayo/abangazithandi.</p> <p>Ukukhuluma nokwethula okulungiselelwe: Isib. Abafundi bayezethula basho ukuthi iziphi izifundo abazithanda kakhulu.</p>	<p>Ukufundela ukuqondisisa: Isib. Funda umbhalo wabafundi beveza izifundo abazithandayo. Kanye Isib. Ukuphendula imibuzo yokuqondisisa embhalweni.</p>	<p>Ukuqamba: Isib. Bhala imisho usebenzisa ulwazimagama engqikithini. bhala inkuluma-mpendulwano ngezifundo abazithanda kakhulu.</p>	<p>Izenzo Iziphawulo Ukulungisa indlela yokusetshenziswa kolimi kokubhalwe abafundi. Ulwazimagama olutholakala engqikithini</p>
9 & 10	<p>Ukulalela ukuncoma/ukuthola ulwazi oluthile: Isib. ukulalela isifundo sokuqondisisa endikimbeni ekhethiwe.</p> <p>Ukukhuluma okungalungiselelwe nomsebenzi wamaqembu: Isib. Ukusho ukuthi kungani besithanda isifundo esithile. Noma Ukufunda kuzwakale okulungiselelwe kombhalo isib. endikimbeni ekhethiwe.</p>	<p>Ukufundela ukuqondisisa: Isib. funda umbhalo endikimbeni ekhethiwe.</p>	<p>Ukuqamba/ukudlulisa umyalezo: Isib. ukubhala imisho/ukubhala amagama esithombeni endikimbeni ekhethiwe bese uchaza isithombe osithandayo</p>	<p>Izenzo, ziphawulo. Izihlanganiso ezilula. Ukugxilisa uhlelo lolimi olwenziwe kwithemu yokuqala. Ukulungisa uhlelo lolimi kokubhalwe abafundi. Ulwazimagama olutholakala engqikithini</p>
IMISEBENZI YOKUHLOLA OKUHLELEKILE KWITHEMU YOKU – 1				
Umsebenzi woku-1		Umsebenzi wesi-2		Umsebenzi wesi-3
Okukhulunywayo nokulalelwayo: ukulalela isifundo sokuqondisisa/inkuluma elungiselelwe/ukufunda kuzwakale okulungiselelwe.		Izigaba zokuziqambela (esilandisayo/esichazayo)/umbhalo odlulisa umyalezo (omude noma omfiphane)		Isifundo sokuqondisisa kanye nolimi

IBANGA Lesi-7 ITHEMU YESI - 2				
Amasonto	Ukulalela nokukhuluma Ihora eli-1	Ukufunda nokubukela Ihora eli-1	Ukubhala nokwethula Ihora eli-1	Izakhiwo nezimiso zolimi Ihora eli-1 (okudidiyelwe nokucacile)
1 2 3	<p>Ukulalela ukuthola ulwazi oluthile. Isib. ukulalela inkulumbo-mpendulwano yabafundi besho ukuthi bavela kuphi.</p> <p>Ukukhuluma ngenhloso ethile/ ukukhuluma okungalingiselelwe nokwethula (ukufunda kakhulu okungalingiselelwe) Ukufunda kuzwakale okungalingiselelwe endikimbeni ekhethiwe.</p>	<p>Ukufundela ukuqondisisa ezingeni lemisho: Isib. Funda inkulumbo-mpendulwano phakathi kwabantu abavela ezindaweni ezihlukene/emazweni.</p>	<p>Imibhalo emifishane edlulisa umyalezo: Inqubo yokubhala:</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ukuhlela • Ukubhala izinhloko zokuqala • Ukubuyekeza • Ukufundisisa ukuze ucacise • Ukulungisa amaphutha kanye nokwethula <p>Isib. abafundi babhala isigaba esilandisayo ukusho ukuthi bavela kuphi</p>	<p>Izimpawu zokuloba Izinhlanganiso ezijwayelekile Indlela ephikayo Ulwazimagama olususelwe engqikithini</p>
3 4 5	<p>Ukulalela ukuthola ulwazi oluthile. Isib. sebenzisa umbhalo obonakalayo njengebalazwe ukulalela, ukubuza nokuphendula imibuzo.</p> <p>Ukukhuluma okungalingiselelwe nokwethula: Xoxa ngezimpawu zenkulumbo elungiselelwe.</p>	<p>Ukufundela ukuqondisisa ezingeni lamagama nemisho: Isib. Ukufunda umbhalo lapho izizwe zabantu abehlukene zisobala.</p>	<p>Imibhalo emifishane edlulisa umyalezo: Isib. ukubhalela inhloso ethile. Inqubo yokubhala inkulumbo elungiselelwe.</p> <p>Inqubo yokubhala:</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ukuhlela • Ukubhala izinhloko zokuqala • Ukubuyekeza • Ukufundisisa ukuze ucacise • Ukulungisa amaphutha kanye nokwethula <p>Inkulumbo elungiselelwe.</p>	<p>Ukulungisa uhlelo lolimi kokubhalwe abafundi. Iziphawulo Izimpawu zokuloba. Izinhlanganiso ezijwayelekile Indlela ephikayo Ulwazimagama olususelwa engqikithini</p>
5 6	<p>Ukulalela ukuthola ulwazi oluthile. Ukulalela isifundo sokuqondisisa.</p> <p>Ukukhuluma okungalingiselelwe. Ukukhuluma okungalingiselelwe: Isib. Ingxoxo yekilasi ngokuhunyushwa kwezithombe.</p>	<p>Ukufunda ngokuqaphelelisa kwemibhalo ebonakalayo: Ukubuka nokuhumusha izimpawu zo-isib. umfanekiso wekilasi.</p>	<p>Ukuqamba: Isib. yenza uhloko lwesigaba esichazayo ngesithombe esikhethiwe, landela inqubo yokubhala- umsebenzi weqembu.</p>	<p>Indlela yamandla Inkathi yamanje. Izenzo ezisha. Ukulungisa indlela yohele lolimi kokubhalwe abafundi. Ulwazimagama olususelwe engqikithini</p>

Amasonto	Ukulalela nokukhuluma Ihora eli-1	Ukufunda nokubukela Ihora eli-1	Ukubhala nokwethula Ihora eli-1	Izakhiwo nezimiso zolimi Ihora eli-1 (okudidiyelwe nokucacile)
7 & 8	<p>Ukulalela ukuncoma: Isib. ukulalela inkondlo/iculo eibhekiswe emndenini.</p> <p>Ukukhuluma okungatungiselelwe nomsebenzi wamaqembu: Isib. Baxoxa ngemindenini yabo.</p>	<p>Ukufundela ukuqondisisa: Ukufunda umbhalo oncike emndenini noma ubudlelwano bomndenini.</p> <p>Inqubo yokubhala:</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ukuhlela • Ukubhala izinhlaka zokuqala • Ukubuyekeza • Ukufundisisa ukuze ucacise • Ukulungisa amaphutha kanye nokwethula 	<p>Imibhalo emifishane edlulisa umyalezo: Isib. Babhala isigaba esichaza ngemindenini yabo.</p> <p>Inqubo yokubhala:</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ukuhlela • Ukubhala izinhlaka zokuqala • Ukubuyekeza • Ukufundisisa ukuze ucacise • Ukulungisa amaphutha kanye nokwethula 	<p>Indlela ephikayo Iziqeshana zephapha Ubuningi Izifinyezo Ongumnini Ukukhomba nokugxilisa izakhiwo nezimiso zolimi ezihlukene. Ukulungisa uhlelo lolimi kokubhalwe abafundi. Ulwazimagama olususelwe engqikithini</p>
9 & 10	Isivivinyo saphakathi nonyaka			
UMSEBENZI WOKUHLOLA OKUHLELEKILE KWITHEMU YESI - 2				
Umsebenzi wesi-4		Umsebenzi wesi-5		
<p>Okukhulunywayo nokulalelwayo: ukulalela isifundo sokuqondisisa/inkulamo elungiselelwe/ukufunda kuzwakale okulungiselelwe.</p>	<p>Imibhalo yobuciko: imibuzo esuselwa engqikithini</p>	<p>Umsebenzi wesi-6</p> <p>Isivivinyo saphakathi nonyaka: Isifundo sokuqondisisa, ulimi, imibhalo yobuciko kanye nokubhala.</p>		

IBANGA LESI- 7 ITHEMU YESI - 3				
Amasonto	Ukulalela nokukhuluma Ihora eli-1	Ukufunda nokubukela Ihora eli-1	Ukubhala nokwethula Ihora eli-1	Izakhiwo nezimiso zolimi Ihora eli-1 (okudidiyelwe nokucacile)
1 2 3	<p>Ukulalela ukuncoma. Isib. ukulalela imisindo esedikimbeni isib. ezokuthutha.</p> <p>Ukukhuluma okulungiselelewe nokwethula. Ukufunda kakhulu okulungiselelewe okugxile ekugelezeni, ukuphimsisa nendlela okuphuma ngayo iphimbo.isib. umbhalo osendikimbeni.</p>	<p>Ukufunda ngokuqaphelisisa umbhalo ukuze ukuqondisise ezingeni lesigaba. Isib. Ukufunda umbhalo endikimbeni ethile bese uphendula imibuzo yokuqondisisa. Kanye Isibonelo sencwadi yobungani noma isigaba.</p>	<p>Imibhalo emide edlulisa umyalezo: Yethula bese uxoxa ngezimpawu zokubhala incwadi yobungane/inothi/-imeyili/isingaba esilandisayo/esichazayo. Bhala incwadi yobungane/inothi/-imeyili/i sigaba esilandisayo/esichazayo isib. ngizoya kuphi namuhla.</p> <p>Gxila kuloku okulandelayo</p> <p>Inqubo yokubhala:</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ukuhlela • Ukubhala izinhlaka zokuqala • Ukubuyekeza • Ukufundisa ukuze ucacise • Ukulungisa amaphutha kanye nokwethula 	<p>Ukulandelana kwamagama Isiqeshana sephhepha Inkathi yamanje Isibingelelo sencwadi yobungane/inothi/i-imeyili. Ulwazimagama olususelwe engqikithini</p>
3 4 5	<p>Ukulalela ukuxhumana: Isib. ukulalela umbhalo/imibuzo ehambisana nezinto ezibonakalayo ezivuselelayo(ikuphiinja?)</p> <p>Ukukhuluma okungalungiselelewe kanye nomsebenzi wamaqembu: Isib. ukuphendula imibuzo ngokukhuluma ehlobana nezinto ezibonakalayo ezivuselelayo</p>	<p>Ukufundela ukuqondisisa: Isib. Ukubuka umbhalo obonakalayo endikimbeni ukuze uqondisise bese uphendula imibuzo.</p>	<p>Imibhalo emide edlulisa umyalezo: (kuyaqhubeka) Yethula bese uxoxa ngezimpawu zokubhala incwadi yobungane/inothi/-imeyili/isingaba esilandisayo/esichazayo. Bhala incwadi yobungane/inothi/-imeyili/i sigaba esilandisayo/esichazayo isib. ngizoya kuphi namuhla.</p> <p>Gxila kuloku okulandelayo</p> <p>Inqubo yokubhala:</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ukuhlela • Ukubhala izinhlaka zokuqala • Ukubuyekeza • Ukufundisa ukuze ucacise • Ukulungisa amaphutha kanye nokwethula 	<p>Ongumnini Ukulandelana kwamagama Isiqeshana sephhepha Inkathi yamanje. Isibingelelo sencwadi yobungane/inothi/i-email. Ulwazimagama olususelwe engqikithini</p>

Amasonto	Ukulalela nokuhluma Ihora eli-1	Ukufunda nokubukela Ihora eli-1	Ukubhala nokwethula Ihora eli-1	Izakhiwo nezimiso zolimi Ihora eli-1 (okudidiyelwe nokucacile)
7 & 8	<p>Ukulalela ukuncoma Ukulalela ukulingisa kwabafundi</p> <p>Ukukhuluma nokwethula okuhlelekile Ukulingisa okumayelana nendikimba isib. igaraji</p>	<p>Ukufundela ukuqonda ezingeni lezigaba Isib. Abafundi bafunda izigaba ezichazayo ezibhalwe emasontweni endulela leli (befundela ukuzithokozisa) Noma</p> <p>Imibhalo yobuciko Isib. Ukufundela ukuzithokozisa, isib. izinkondlo/izindaba ezimfushane/umdlalo/umdlalo omfushane/inoveli ana (inoveli emfishane)</p>	<p>Ukuziqambela: Ukubhala imisho/nezihloko ezichaza indaba ngamazwi amafushane esithombeni kubhekiswe endikimbeni kanye nasolimini olwenziwe</p>	<p>umsebenzi othathelwe embhalweni wabafundi wokubuyekeza ukusetshenziswa kolimi</p> <p>umsebenzi othathelwe embhalweni wabafundi wokubuyekeza ukusetshenziswa kolimi</p> <p>ukwenza izicelo</p> <p>ukubuyekeza kwendlela yamandla</p> <p>Ukubuza imibuzo</p> <p>Izenzo ezintsha namabizo</p> <p>Izinombolo</p> <p>Izindlela zesenzo</p> <p>Izifinyezo</p> <p>Upelomagama</p> <p>ubuningi</p> <p>ulwazimagama olutholakala engqikithini</p>
9 & 10	<p>Ukulalela ukuncoma Isib. ukulalela ingxenye/ukuqedela indaba/izinkondlo/amaculo/idrama emfishane/inoveli emfishane</p> <p>Ukukhuluma nomebenzi weqembu Isib. ukuphendula ngomlomo/ukuqagela ngesihloko/izithombe kanye</p> <p>Ukufunda kuzwakale Ukusebenza nge/isib. ukuphimisa nokugeleza</p>	<p>Imibhalo yobuciko Isib. Ukufundela ukuzithokozisa, isib. izinkondlo/izindaba ezimfushane/umdlalo/umdlalo omfushane/inoveli ana (inoveli emfishane) kanye nokuphendula imibuzo yokuqondisisa</p>	<p>Ukuziqambela: Ukubhala imisho/nezihloko ezichaza indaba ngamazwi amafushane esithombeni kubhekiswe endikimbeni kanye nasolimini olwenziwe ngethemu yesithathu</p>	<p>Ukugcizelela wonke umsebenzi wokusetshenziswa kolimi ngaletthemu ulwazimagama olutholakala engqikithini</p>

AMATHASKHI OKUHLOLA OKUMISELWE IMIGOMO – ITHEMU YESI-3		
Umsebenzi wesi-7	Umsebenzi wesi-8	Umsebenzi wesi-9
Ama-orali: Ukufunda kuzwakale okulungiselelwe/ukulalela ngokuqondisisa/inkulamo elungiselelwe	<p>Ukubhala: Ukuziqambela: Izigaba ezilandisayo/ ezichazayo</p> <p>Ukwedlulisa imilayezo: Imibhalo emifushane noma emide</p>	<p>Isivivinyo sesi-2: Isifundo sokuqondisisa KANYE nolimi</p> <p>Umbhalo wobuciko: Imibuzo emifushane esuselwa engqikithini</p>

IBANGA LESI- 9 ITHEMU YESI-4				
Amasonto	Ukulalela nokukhuluma Ihora	Ukufunda nokubukela Ihora	Ukubhala nokwethula Ihora	Izakhiwo nezimiso zolimi (ngokudidiyela nangokuzimela) Ihora
1 & 2	<p>Ukulalela ukuqondisisa Ukulalela inkulumompendulwano isib. endikimbeni entsha – omunye ufaka i-oda esitolo sokudlela</p> <p>Ukukhuluma okungahlelekile Ukuphendula imibuzo emva kokubuka nokufunda imibhalo ebonakalayo</p>	<p>Ukufunda ngokuqaphelisisa umbhalo obukwayo: Ukubuka kanye nokufunda izithombe/ Ukufunda nokubuka izithombe/uhla lwendikimba, isb. izinhlobo zokudla Kanye Ukufunda inkulumompendulwano ekhethwe ezindikimbeni ezehlukene, isib. Okwenzeka esitolo Ukuphendula imibuzo yokuqondisisa emayalana nendikimba</p>	<p>Ukuziqambela: Ukuzilongela ukubuza imibuzo kanye nokuphendula imibuzo emayelana nezindikimba ezithile Ukubhala amagama ezithombeni ezisetshenziwe. Ukwedlulisa imiyalezo: Ukubhala inkulumompendulwano, isib. inkulumompendulwano emayelana nokwenzeka esitolo Inqubo yokubhala</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ukuhlela • Ukubhala izinhlobo zokuqala • Ukubuyekeza • Ukufundisisa ukuze ucacise • Ukulungisa a imephu hutha • Ukwethula 	<p>Ukuphika Ukubuza imibuzo Ukucela imvume Okuthandyo nongakuthandi izihlanganiso izindlela zokukhuluma nabantu Izindlela zesenzo Okuveza ukuningi Izichasiso nezandiso Ongumnini Isabizwana sokukhomba Upelomagama Ubuningi izifinyezo ulwazimagama olutholakala engqikithini</p>

Amasonto	Ukulalela nokukhuluma Ihora	Ukufunda nokubukela Ihora	Ukubhala nokwethula Ihora	Izakhiwo nezimiso zolimi (ngokudidiyela nangokuzimela) Ihora
3 & 4	<p>Ukulalela ukuthola ulwazi olukhethekile Isib. ukulalela ukuqondisa endikimbeni ekhethiwe ngomjikelezo odlule.</p> <p>Ukukhuluma nokwethula okuhlelekile: Isib. inkulumompendulwano/ukulingisa njengoba kubhaliwe kulomjikelezo nakodlule.</p>	<p>Ukufundela ukuqonda Isib. Ukufundwa kwezinkulumompendulwano ezibhalwe ngabafundi Noma Isib. Imibhalo ethile esuselwe endikimbeni ekhethiwe</p>	<p>Ukwedlulisa imilayezo: Ukubhala imilayezo, isib. inkulumompendulwano yabantu abathathu esitolo – uweta kanye nabathengi ababili</p>	<p>umsebenzi othathelwe embhalweni wabafundi wokubuyekeza ukusetshenziswa kolimi Ukuphika Ukubuza imibuzo Ukucela imvume Okuthandyo nongakuthandi izihlanganiso izindlela zokukhuluma nabantu Izindlela zesenzo Okuzeza ukuningi Izichasiso nezandiso Ongumnini Isabizwana sokukhomba Upelomagama Ubuningi izifinyezo ulwazimagama olutholakala engqikithini</p>

Amasonto	Ukulalela nokuhuluma Ihora	Ukufunda nokubukela Ihora	Ukubhala nokwethula Ihora	Izakhiwo nezimiso zolimi (ngokudidiyela nangokuzimela) Ihora
5 & 6	<p>Ukulalela ukuthola ulwazi olukhethekile</p> <p>Isib. abafundi balalela ulwazimagama ngokusebenzisa imibhalo ebonakalayo – ukwethula indikimba entsha isib. izingubo</p> <p>Ukukhuluma okungahlelekile</p> <p>Ukuzijwayeza ukusho imibuzo nezimpendulo isib. <i>Ugqokeni?</i> <i>Ibiza malini lengubo?</i></p>	<p>Ukufunda ngokuqaphelisisa umbhalo obukwayo:</p> <p>Abafundi babukela baphinde bafunde imibhalo, isib. Isithombe sabantu abehlukene abagqoke izimpahla ezehlukene. Izimpahla zingahambisana nezithombe.</p>	<p>Ukuziqambela:</p> <p>Isib. Ukubhala amagama esithombeni; Ukuzilolongela ukubhala imisho echazayo</p> <p>Ukuzilolongela ukubuza imibuzo kanye nokuphendula, isib. Ugqokeni? Ibiza malini le ngubo?</p> <p>Noma</p> <p>Isib. Ukubhala isigaba esichazayo ukuchaza ukuthi umuntu othile ugqokeni/uthengeni</p> <p>Inqubo yokubhala</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ukuhlela • Ukubhala izinhlaka zokuqala • Ukubuyekeza • Ukufundisisa ukuze ucacise • Ukulungisa a imephu hutha • Ukwethula 	<p>Ukubuza imibuzo zichasiso imibala</p> <p>Ukucela imvume</p> <p>Upelomagama Ubuningi</p> <p>Inkathi yamanje</p> <p>Ukuphika</p> <p>Isabizwana sokukhomba</p> <p>Ongumnini</p> <p>ulwazimagama olutholakala engqikithini</p>
7 & 8	<p>Ukulalela ukuncoma</p> <p>Isib. ukulalela iculo/inkondlo/izigaba ezichazayo ezibhalwe abafundi emjikelezweni odlule</p> <p>Ukukhuluma okungahlelekile</p> <p>Isib. ukugxilisa imibuzo nemisho eyenziwe ngokukhuluma kulethemu</p>	<p>Ukufundela ukugonda</p> <p>Isib. Ukuphendula imibuzo ngemibhalo emayelana nendikimba esuselwa endikimbeni ezikhethiwe</p>	<p>Amalungiselelo ezivivinyo zokuphela konyaka</p> <p>Ukugxilisa inqubo yokubhala imibhalo ehlukeni enhlobonhlobo efana nenkulumo mpendulwano, isigaba esichazayo.</p>	<p>Ukubukeza ukwakiwa kwemisho kanye nezimiso zolimi ezifundiwe umsebenzi othathelwe embhalweni wabafundi wokubuyekeza ukusetshenziswa kolimi ulwazimagama olutholakala engqikithini</p>
9 & 10	Izivivinyo zokuphela konyaka			

AMATHASKHI OKUHLOLA OKUMISELWE IMIGOMO – ITHEMU YESI-4**Ithaskhi ye-10: Izivivinyo zokuphela konyaka**

Iphepha loku-1: *Ama-orali

Iphepha lesi-2: Ulimi engqikithini, imibhato yobuciko kanye nokubhala

*Amamaki ama-orali onyaka wonke okukhuluma, okulalela kanye nokufunda. Amamaki okugcina kumele ambandakanye okungenani ithaskhi yenkulumo elungiselelwe, ithaskhi yokulalela kanye nokufunda okulungiselelwe.

ISIGABA SESI - 4: UKUHLOLA ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA

4.1 ISINGENISO

Ukuhlola inqubo ehleliwe eqhubekayo yokuhlonza, yokuqoqa, nokuhumusha ulwazi lokuthi abafundi basebenze kanjani. Kufaka izigaba ezine: ukwakha nokuqoqa ubufakazi bomphumela, ukulinganisa ngenhloso yokuhlola ubufakazi, ukubhala okutholakele kanye nokusetshenziswa kolwazi ukuqonda nokukwazi ukusiza ukuthuthuka komfundi ukuze kwenziwe ngcono inqubo yokufunda nokufundisa.

Ukuhlola kumele kwenzeke ngazo zombili lezindlela, okuhlelekile (ukuhlola ukuze kufundwe) nokungahlelekile (ukuhlola kokufunda). Kukho kokubili lokhu kuhlola kubalulekile ukuthi abafundi baziswe njalo indlela abenze ngayo ekuhlolweni kwabo ukuze kukhule ubungcweti ekufundeni.

Ukuhlolwa kwamakhono olimi kumele kudidiyelwe. Ukuhlolwa kwesigaba sesifundo sokuqondisisa kufanele kuhlenganiswe nokusetshenziswa kolimi. Ukuhlolwa kokubhala kumele kufake izihloko ngezinto ezenzeka ngempela empilweni.

4.2 UKUHLOLA OKUNGAHLELEKILE NOMA KWANSUKUZONKE

Ukuhlelela ukufunda kunenjongo yokuqoqa ulwazi lokuphumelela kwabafundi olungasetshenziswa ekwenzeni ngcono ukufunda kwabo.

Ukuhlola okungahlelekile kuwukubheka nsukuzonke inqubekelaphambili yabafundi. Lokhu kwenzeka ngokuthi, kubhekwe, kukhulunywe, ukubonakalisa ngokuxoxisana kukathisha nomfundi, Ukuxhumana kwasekilasini okungahlelekile, njll. Ukuhlola okungahlelekile kwenziwa kube lula ngangokuba uthisha uyakwazi ukumisa abafundi maphakathi nesifundo abheke abafundi noma axoxe nabo ngenqubekelaphambili yokufunda. Ukuhlola okungahlelekile kumele kusetshenziselwe ukubonisa abafundi indlela abenze ngayo nokwazisa indlela ukufundisa okumele kuhlelwe ngayo, kodwa akuphoqelekile ukuba kubhalwe phansi. Akumele kubhekwe njengokuhlukile kunemisebenzi yokufunda eyenzeka ekilasini. Abafundi noma uthisha bangawumaka lomsebenzi wokuhlola.

Ukuzihlola nokuhlolana kontanga kwenza abafundi bazibandakanye ekuhloleni. Lokhu kubalulekile ngoba kwenza abafundi bafunde babuye bazibheke ukusebenza kwabo. Imiphumela yokuhlola okungahlelekile kwansukuzonke ayibhalwa phansi ngokuhlelekile ngaphandle uma uthisha ezithandela yena. Imiphumela yemisebenzi yokuhlola yansukuzonke akumele isetshenziselwe ukubheka ukuthi uyadlulela yini ebangeni elilandelayo nenhloso yokukhipha izitifikethi.

4.3 UKUHLOLA OKUHLELEKILE

Yonke imisebenzi yokuhlola eyenza uhlelo lokuhlola okuhlelekile ngonyaka ithathwa njengokuhlola okuhlelekile. Imisebenzi yokuhlola okuhlelekile imakwa othisha babhale phansi ukuze kubonakale ukuthi umfundi uyaqhubekela yini ebangeni elilandelayo nenhloso yokukhipha izitifikethi. Yonke imisebenzi yokuhlola okuhlelekile kumele imodareyithwe ukuqinisekisa ukuba sezingeni nokugcinwa kwemigomo efanele.

Ukuhlola okuhlelekile kunikeza othisha amasu okubheka nokuhlola inqubekela phambili yabafundi ebangeni nasesifundweni esithile. Izibonelo zokuhlola okuhlelekile kufaka ukuhlola, izivivinyo, imisebenzi eyenziwayo, amaprojethi, okwethulwa ngomlomo, okwenziwayo (njengokulingisa) njll.

Imisebenzi yokuhlola okuhlelekile kuyingxenye yohlelo lokuhlola okuhlelekile lonyaka wonke ebangeni ngalinye kanye nasesifundweni ngasinye.

Lamathebula alandelayo anika izidingo zokuhlola okuhlelekile oLimini Lwesibili Lokwengeza:

Amabanga 7 - 9

UKUHLOLA OKUHLELEKILE		
MAPHAKATHI NONYAKA	ISIVIVINYO SOKUPHELA KONYAKA	
40%	60%	
Ukuhlola kwesikole (SBA) –	Amaphepha esivivinyo sokuphela konyaka	
40%	35%	25%
<ul style="list-style-type: none"> • Izivivinyo ezi -2 • Imisebenzi eyi -6 • Isivivinyo (phakathi nonyaka) 	<p>Izivivinyo ezibhalwayo</p> <p>Iphepha loku - 1 (ihora eli -1½) – ulimi olususelwa engqikithini, ukubhala nemibhalo yobuciko</p>	<p>Imisebenzi yokuhlola okukhulunywayo nokulalelwayo: Iphepha lesi-2</p> <p>Ukulalela</p> <p>Ukukhuluma okulungiselelwe, ukufunda kuzwakale okulungiselelwe</p> <p>Imisebenzi ekhulunywayo eyenziwe enyakeni yenza ukuhlola kwngaphakathi kokuphela konyaka.</p>

Izindlela zokuhlola ezisetshenzisiwe kumele zibe sezingeni elifanele leminyaka nokuthuthuka. ukwakhiwa kwalemisebenzi kumele kufake umqondo wesifundo kanye nezinhlombo zemisebenzi eyakhelwe ukufinyelela kwimpokophelo yesifundo.

Ukuhlola okuhlelekile kumele kubhekelele amazinga abafundi okuhlakanipha ahlukahlukene njengoba kubonisiwe lapha ngezansi.

Ithebula lesi-3

AMAZING OKUSEBENZISA UMQONDO	UMSEBENZI	IPHESENTI LOMSEBENZI
<p>Umqondo osobala (izinga loku- 1)</p> <p>Ukulungisa kabusha (izinga 2)</p>	<p>Imibuzo eqondene nokutholakala kolwazi olusobala olutholakala embhalweni.</p> <ul style="list-style-type: none"> • Gagula izinto/abantu/izindawo • khomba abantu Isabizwana sokukhomba • nika uhla lwamaphuzu/amagama • Chaza indawo/abantu/ • Kwakungubani umuntu? • Wenzeni umuntu? • Ukwenzeleni umuntu? • Kwenzeke nini.....? • Kwenzeke kuphi? <p>Imibuzo edinga ukuhlelwa kolwazi olubekwe ngokusobala emibhalweni.</p> <ul style="list-style-type: none"> • imibono emibili esemqoka • Khomba umuntu/abantu..... • Chaza ngokwenzekile..... • Chaza isimo/inhlalo/abantu..... 	<p>Amazinga eloku- 1 nelesi-2: 80%</p>
<p>ukuhlolisisa (izinga lesi-3)</p>	<p>Le mibuzo imayelana nezinqumo ezithinta ubugugu nokunohlonze. Lokhu kufaka izinqumo mayelana nokuqinisekisa ubukhona bento, iqiniso nombono, nokukholeka, ukukwazi ukucabanga nokuqonda, ukuphikisana, kanye nezinto ezifana nokuthandeka, nokwamukeleka kwezinqumo nezenzo nokwaziswayo emphakathini:</p> <ul style="list-style-type: none"> • Uyavumelana nendlela yokuziphatha/ isitatimende somlingiswa? • Ngabe ukuziphatha/ukwenza izinto ngendlela enza ngayo umlingiswa ifanele yini/kwamukelekile kuwena? Nikeza isizathu sempendulo yakho. • Sola ukuziphatha komlingiswa. • Khetha amagama achaza isimo somuntu kahle ... 	<p>Izinga lesi-3: 20%</p>

4.4 UHLELO LOKUHLOLA

Uhlelo lokuhlola lwakhelwe ukusabalalisa imisebenzi ehlelekile kuzona zonke izifundo esikoleni ngokwethemu

4.4.1 Okudingekayo ngamafuphi

Lamathebula alandelayo aveza kafuphi izidingo zoHlelo lokuHlola lwethemu ngayinye yoLimi Lwesibili Lokwengeza:

Ithebula- 4.1: Amabanga- 7 - 9

UHLELO LOKUHLOLA				
	UKUHLOLA KWESIKOLE (SBA) NGETHEMU PER TERM			ISIVIVINYO SOKUPHELA KONYAKA
Amabanga 7 - 9	Ithemu yoku-1: Ukuhlola okubhalwayo oku-1 + Imisebenzi emi- 2	Ithemu yesi -2: Imisebenzi emi- 2 + Isivivinyo saphakathi nonyaka esi -1	Ithemu yesi -3: Ukuhlola okubhalwayo oku-1 + Imisebenzi emi- 2	Ithemu yesi -4: Isivivinyo esi- 1 sohlelo lwangaphakathi esikoleni sokuphela konyaka
IBANGA	ISIMO SAMAPHEPHA ESIVIVINYO			
7 - 9		Iphepha eli -1 Ulimi olususelwa engqikithini – isifundo sokuqondisisa, ulimi, imibhalo yobuciko nokubhala.		Isivivinyo sohlelo lwangaphakathi esikoleni sokuphela konyaka esi -1 esinamaphepha ama – 2: Iphepha loku -1: okukhulunywayo nokulalelwayo Iphepha lesi-:2 ulimi olususelwe engqikithini – isifundo sokuqondisisa, ulimi, imibhalo yobuciko kanye nokubhala
<p>Amabanga 7-9</p> <p>Imaki lethemu (Amathemu 1 – 3):</p> <ul style="list-style-type: none"> Ithemu ngayinye, hlanganisa uqobo lwamamaki kanye nesamba bese ukuphendula kube ipheseni (- %) ukwenza imaki lethemu. Imaki lokudlulisela ebangeni elilandelayo: Hlanganisa uqobo lwamamaki kanye nesamba semisebenzi yokuhlola yangaphakathi esikoleni kusukela kwithemu yoku – 1 kuya kwithemu yesi -3 bese ukuphendula kube ngama – 40%, Shintsha imaki lokukhulunywayo nokulalelwayo (iphepha lesi-1) libe ngama -25%. Shintsha iphepha lesi-2 libe ngama – 35%, 				

Ithebula 4.2: Ibanga 7-9

UHLELO LOKUHLOLA		
IMISEBENZI YOKUHLOLA OKUHLELEKILE ITHEMU YOKU - 1		
UMSEBENZI WOKU-1:	UMSEBENZI WESI- 2:	UMSEBENZI WESI- 3:
Okulalelwayo nokukhulunywayo: ukulalela isifundo sokuqondisisa/ inkulumo elungiselelwe/ukufunda kakhulu okulungiselelwe	Ukuziqambela izigaba (ezilandisayo/ ezichazayo)/umbhalo odlulisa umyalezo (omfishane noma omude)	Isifundo sokuqondisisa kanye nolimi
IMISEBENZI YOKUHLOLA OKUHLELEKILE ITHEMU YESI - 2		
UMSEBENZI WESI-4:	UMSEBENZI WESI- 5:	UMSEBENZI WESI-6
Okulalelwayo nokukhulunywayo: ukulalela isifundo sokuqondisisa/ inkulumo elungiselelwe/ukufunda kakhulu okulungiselelwe	imibhalo yobuciko: imibuzo esuselwa engqikithini	Isivivinyo saphakathi nonyaka: ulimi olususelwa engqikithini – isifundo sokuqondisisa, ulimi, imibhalo yobuciko nokubhala.
IMISEBENZI YOKUHLOLA OKUHLELEKILE ITHEMU YESI - 3		
UMSEBENZI WESI-7:	UMSEBENZI WESI- 8:	UMSEBENZI WESI- 9:
Okulalelwayo nokukhulunywayo: ukulalela isifundo sokuqondisisa/ inkulumo elungiselelwe/ukufunda kakhulu okulungiselelwe	Ukuziqambela izigaba (ezilandisayo/ ezichazayo)/umbhalo odlulisa umyalezo (omfishane noma omude)	Ukuhlola kwesi-2 :Isifundo sokuqondisisa nolimi Imibhalo yobuciko: imibuzo esuselwe engqikithini.
IMISEBENZI YOKUHLOLA OKUHLELEKILE ITHEMU YESI - 4		
UMSEBENZI WE- 10		
<p>Isivivinyo sokuphela konyaka</p> <p>Iphepha loku- 1: okukhulunywayo nokulalelwayo</p> <p>Iphepha lesi-2: ulimi olususelwe engqikithini – isifundo sokuqondisisa, ulimi, imibhalo yobuciko nokubhala.</p>		

***okulalelwayo nokukhulunywayo:** abafundi kumele benze umsebenzi wokukhuluma okulungiselelwe, umsebenzi wokulalelea okulungiselelwe

Qaphela:

Isivivinyo ohlelweni lokuhlola akumele lwenziwe izivivinyo ezincane eziningana.isivivinyo ngasiye kufanele sifake ulwazi olukhulu futhi kumele sibe imizuzu engama- 40-60 ngasinye sikhombise amazinga okuhlakanipha ahlukene njengoba kukhonjisiwe ephepheni lesivivinyo.

4.4.2 Izivivinyo: Amabanga 7 – 9

Isimo sephepha lesivivinyo

IPHEPHA	INGXENYE	ISIKHATHI
ulimi olusengqikithini, imibhalo yobuciko nokubhala.	A: Isifundo sokuqondisisa (uhla lwemibhalo lungasetshenziswa kufaka imibhalo ebonakalayo kanye noma eyimidwebo)	Amabanga 7 - 9 Amahora -1½
	B: Ulimi • Izakhiwo nezimiso zolimi (amagama nemisho) kufanele kuhlolwe engqikithini kusetshenziswa imibhalo enhlobonhlobo.	
	C. Imibhalo yobuciko Noma okuphi kwaloku okulandelayo: Ubunkondlo/izindaba ezimfishane/inovelemfishane/umdlalo omfishane (imibuzo emifishane esuselwa engqikithini)	
	D Ukubhala Ukuziqambela izigaba (ezilandisayo/ezichazayo)/umbhalo odlulisa umyalezo (omfishane noma omude)	

Okuqokethwe okumele kwenziwe

Ukuhlola kuveza ulwazi olubhalwe kulomqulu. Ngenxa yokuthuthuka kokuvezwa kokuqokethwe kuwona wonke amabanga, amakhono nokuqokethwe kusukela eBangeni lesi 7 –9 kuzohlolwa emaphepheni ekupheleni konyaka ngamunye.

Umsebenzi wokuhlola okukhulunywayo nokulalelwayo:

Iphepha lesi-2 lamabanga 7 - 9

Imisebenzi yokuhlola okulalelwayo nokukhulunywayo okwenziwe onyakeni kwenza ukuhlola kokuphela konyaka kwangaphakathi esikoleni. imininingwane yemisebenzi yokukhulunywayo nokulalelwayo okwenziwa onyakeni kumi kanje:

IPHEPHA LESI-2	IMININGWANE
Okukhulunywayo nokulalelwayo	<p>Okukhulunywayo nokulalelwayo kusethwa ngaphakathi eskoleni, kuhlolwa ngaphakathi esikoleni bese kumodareyithwa ngaphakathi esikoleni.</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ukufunda Ukufunda kuzwakale okulungiselelwe <i>Hlola: ukuqonda umbhalo, ukudlulisa okuchazwayo, ukusebenzisa izwi, ukuphimisa amagama ngendlela efanele.</i> • Ukukhuluma: Inkulumo elungiselelwe <i>Hlola: ukulungiselela nokuhlela ulwazi, iphimbo, ukukhuluma, kanye namakhono okwethula, izinsiza ezibonakalayo ezizwakalayo, ulimi olulungile.</i> • Ukulalela Ukulalela isifundo sokuqondisisa <i>Hlola: ukulalelela ukuqondisisa kanye nokuthola ulwazi</i>

Imisebenzi esetshenziselwa ukuhlola okuhlelekile ibhalwa phansi bese isetshenziswa ukuze kubonakale ukuthi umfundi uyaqhubekela yini ebangeni elilandelayo.

Uthisha kumele ahlele ayise uhlelo lokuhlola lonyaka kwisigungu sokuphathwa kwesikole (SMT) ngaphambi kokuqala konyaka wesikole. Lokhu kuzosetshenziselwa ukwenza uhlelo lokuhlola lwesikole kwibanga ngalinye. uhlelo lokuhlola lwesikole kumele lunikezwe abazali nabafundi ngesonto lokuqala lethemu yoku qala.

4.5 UKUREKHODA NOKUBIKA

Ukurekhoda kuyinqubo lapho uthisha egcina khona indlela abafundi abesebenze ngayo emisebenzini abebhelolwa kuyo. Iveza ukuphumelela kwabafundi ekuzuzeni ulwazi njengalokhu kubekiwe e. Amarekhodi okusebenza kwabafundi kumele anikeze ubufakazi bokukhula komqondo wabafundi ebangeni nokuveza ukuthi sebekulungele ukukhushulelwa ebangeni elilandelayo. Amarekhodi okusebenza kwabafundi kumele abuye asetshenziswe ukuqinisekisa inqubekela-phambili eseyenziwe uthisha kanye nabafundi enqubweni yokufunda nokufundisa

Ukubika kuyinqubo yokwazisa ngokusebenza kwabafundi kubabazali, esikoleni kanye nabanye abambandakanyekayo kwezemfundo. Ukusebenza kwabafundi kungabikwa ngezindlela eziningi ezahlukene. Lokhu kumbandakanya amariphoti, umhlangano wabazali, izinsuku zokuzobona imisebenzi yabafundi esikoleni, ukuxoxisana kukathisha nomzali, ukushaya izingcingo, ukubhalelana izincwadi, inyuziletha yekilasi noma yesikole, njll. Othisha bawo wonke amabanga babika besebenzisa uhlelo lwamaphesenti ngokwezifundo zabo emaBangeni R – 12. Amazinga okuphumelela anhlobonhlobo kanye namaphesenti ahambisana nawo atshengisiwe kuleli thebula elingezansi:

AMAKHODI AMAPHESENTI OKUREKHODA NOKUBIKA

AMAKHODI	INCAZELO NAMAKHONO	AMAPHESENTI
7	Impumelelo ngamalengiso	80 – 100
6	Impumelelo eseqophelweni eliphezulu kakhulu	70 – 79
5	Impumelelo eseqopheleni eliphezulu	60 – 69
4	Impumelelo ngokwanelisayo	50 – 59
3	Impumelelo ngokufanele	40 – 49
2	Impumelelo ngokuyingxenywe	30 – 39
1	Impumelelo ngokungenele	0 - 29

Othisha bazorekhoda uqobo lwamamaki maqondana nemisebenzi, ngokusebenzisa iphepha lokurekhoda nokubika amaphesenti amamaki esifundweni ngasinye eripotini lomfundi.

4.6 UKUMODAREYTHA IMISEBENZI YOKUHLOLA

Ukumodareytha kuyinqubo eqinisekisa ukuthi imisebenzi yokuhlola ilungile, inobuqiniso, ithembekile. Ukumodareytha kumele kwenziwe ezingeni lesikoleni, kusiyingi, kusifundazwe nakuzwelonke. Ukumodareytha ngokugcwele nangokufanele kumele kwenziwe ukukhulisa izinga lokwethembeka ekuhlolweni kwazo zonke izifundo.

4.6.1 Ukuhlola okuhlelekile (SBA)

- Ukuhlola nezivivinyo zamabanga elesi-7 nelesi – 8 zimodareytha esikoleni ngaphakathi. Abeluleki bezifundo kumele bamodareythe eminye yalemisebenzi uma bevakashele izikole ukuqinisekisa izinga elifanele lemisebenzi nokumodareytha kwasesikoleni.
- Ukuhlola nezivivinyo zebanga lesi – 9 kumele zimodareythe ezingeni lesiyingi nesifundazwe. Lenqubo izophathwa umnyango wezemfundo wesifundazwe.
- Abeluleki bezifundo kumele bamodareythe isampula yamaphepha okuhlola nezivivinyo ngaphambi kokubhalwa ngabafundi ukuqinisekisa izinga elifanele nokubonisa othisha indlela yokusetha lemisebenzi.

4.6.2 Imisebenzi ukuhlola ekhulunywayo nelalelwayo

- **Amabanga 7 - 9:** umsebenzi ngamunye wokukhulunywayo ozosetshenziswa njengengxenye yohlelo lokuhlola kufanele ufakwe kwihloko yesifundo umodareythe ngaphambi kokuthi abafundi bawuzame umsebenzi. othisha kufanele bahlole imisebenzi yokuhlola ekhulunywayo.

Umeluleki wesifundo noma umhloli wesifundazwe okhethiwe kumele amodareythe isampula lemisebenzi yokuhlola ekhulunywayo ngenkathi evakashele esikoleni ukuqinisekisa izinga lomsebenzi nokumodareytha kwasesikoleni.

Umhloli othunywe umnyango wezemfundo eyisisekelo angamodareytha isampula lemisebenzi yokuhlola okukhulunywayo kwebanga lesi – 9.

4.7 OKUJWAYELEKILE

Lo mqulu kumele ufundwe umbandakanywa nale miqulu elandelayo:

4.7.1 *National Protocol for Assessment Grades R - 12*

4.7.2 Subject specific exam guidelines as contained in the draft policy document: *National policy pertaining to the programme and promotion requirements of the National Curriculum Statement, Grades R - 12*

IZINCAZELO ZAMAGAMA

I - akhronimi/igamamfingqwa - igama eliphimisekayo elakhiwa ngokusebenzisa uhlamvu/izinhlamvu zokuqala zalelo gama noma lowo mushwana (Isib.. uTHAFUZWE).

ULimi lokwEngeza (bheka **noLimi LwaseKhaya**) - ulimi olufundwayo kwengezwa kolwasekhaya lomfundi.

Ubuliminingi obengezayo - nxa umuntu efunda ulimi (noma izilimi) ukwengeza olimini lwakhe lwasekhaya. Lolu limi aluthathi isikhundla solimi lwasekhaya kodwa lufundwa kanye nalo. Ohlelweni lokufunda ubuliminingi obengeziwe, ULimi LwaseKhaya liyaqiniswa lugcinwe, ngenkathi olunye ulimi olufundwayo luthathwa njengolimi olwengezwayo nje (isib. Zonke izilimi ezengeziwe, kumbandakanya uLimi lokuFunda nokuFundisa, zifundiswa zihambisana noLimi lwasEkhaya, kodwa azithathi isikhundla salo.

Amagama asho okufanayo - (Njengoba eqhathaniswa nalawo asho okuphikisanayo), amagama amqondofana.

I - anekhdothi - lokhu yindatshana ngesehlakalo esake senzeka empilweni yokhulumayo, exoxwa kuphela ngenhloso yokucacisa okuthile noma - ke ukujabulisa, ukuhlelisa noma ukuqgamisa umlingiswa othile.

Amagama aphikisanayo - yigama eliphikisa elinye kulolo limi (isib. khala - hleka) ukufaneleka - ulimi lusuke lufanelekile uma lusetshenziswe ngendlela ehambisana nesimo

Ukuhlola - indlela ehlelekile neqhubekayo yokuthola ulwazi ngamakhono omfundi okwenzeka ngezindlela ezehlukene.

Umsebenzi wokuhlola – umsebenzi osetshenziselwa ukuhlola abafundi onenani elithize lemisetshenzana noma izingxenye

Isihloko esichaza indaba - lesi yisihloko noma ukuphawula esinanyekwe ngenhla noma ngezansi kwe - athikili, kwesithombe njll.

Ifanankamisa - 1. lisho ukuphinda (ngokuvamile), umsinde wonkamisa abafanayo emagameni amabili noma ngaphezulu (Isib. Yashosholoza intinginqo_ewumcondo).

Izethameli - (1). Umfundi, umlaleli, umbukeli oqondiwe umbhalo othize, lapho kwenziwa uhlobo lwesiqeshana esilotshwayo izikhulumi/abalobi kumele bacabange ngenhloso nezethameli lapho bekhetha uhlobo lokubhalwayo. (2) empeleni izethameli yilabo bantu abeze ukuzobukela umdlalo noma umculo.

Imibhalo eyiqiniso - imibhalo ekwaziyo ukuhambisana nempilo ephilwayo, nokwenzeka kwezinto. (Isib. amaphephabhuku, ama - athikili, amaphephandaba, okuqoshiwe emsakazweni nakumabonakude, izikhangiso, amalebulo emikhiqizo, amabhrosha okuvakasha, amafomu akwahulumeni, izibonelo zezincwadi zangempela).

Ukuchema - (1) Umkhuba wokuthanda into noma umbono ngaphezu komunye, lokho bese kuholela ekuthini umuntu angabe esakwazi ukuthatha isahlulelo esifanele.

Isihloko esichaza indaba - lesi yisihloko noma ukuphawula esinanyekwe ngenhla noma ngezansi kwe - athikili, kwesithombe njll.

Isisusa - (bheka **nomphumela**) - yilokho okudala udweshu nesimo.

Ukucacisa - ukwenza ukuthi umqondo wetheksthi uzwakale kofundayo.

Umushwana - isibonelo “indoda eyayigqoke ihembe elibomvu yabaleka” Umushwana oyinhloko - “indoda yabaleka”. Amagama athi “ eyayigqoke ihembe elibomvu”, umushwana okhonzile. Awukwazi ukuzimela wodwa nanxa sikhona isenzo kuwona. Imishwana ekhonzile iqala ngesihlanganiso (uma kuwumushwana okhonzile omele isizathu). Eminye imishwana ekhonzile iqala ngezivumelwano zesichasiso; isib. (e.) “eyayigqoke...” (u “ e ” isiv. sesibaluli). Sihlanganiso sihlanganisa umushwana nomusho, siphinde sihlanganise imisho emibili ephelele.

Uvuthondaba –ingxenye ejabulisayo, ephumelelayo noma esemqoka yendaba.lengxenye esemqoka ayichazi isiphetho.

Imibuzo evalekile – imibuzo edinga impendulo eqondile. Isibonelo, ‘Uyalithanda itiye?’ Impendulo kumele kube ‘yebo’ noma ‘cha’. ‘Uneminyaka emingakhi?’ Impendulo kumele kube, isib. ‘Ishumi’.

Ukuzwakala - (1) ikhono lokwazi ukuqonda nokweneka ngohlelo izindaba, yikho okwenza ubudlelwano obuhlanganisa kahle imibono ukuze isigaba sinikeze umqondo ozwakalayo nobumbene. (2) Kungabuye kusho ukuba nolwazi olwenele lohlelo, ukuze kwedluliswe kahle umlayezo, noma - ke isakhiwo esihle somusho. Uma uhlelo luxovekile, umusho awuzwakali kahle.

Ukulandelana - ukuhlanganiswa kwemisho noma izigaba ngezihlanganiso, izabizwana nokuphindaphinda.

Fanisa (bheka no - qhathanisa) - ukubheka lokho okwenza ukuthi izinto zifane.

Udweshu - ukungqubuzana noma ukwehluka kwemibono yabalingiswa endabeni kanye nezimo zabo; udweshu emibhalweni lungabangwa nawukungqubuzana kwezifiso noma lokho umuntu akwazisayo noma akukhonzile.

Isihlanganiso - igama elisetshenziswa ukuhlanganisa imisho (Isib. UNoxolo ungumdlali ovelele esikoleni futhi uzimisele nasezifundweni zakhe).

Amaklishe - amagama asetshenziswa ngokweqile, afakwe nje noma kungasafanele (Isib. Izingane uma zikhuluma ziyathanda ukuphindaphinda la magama: “Kusho ukuthi...”, “ nalapho kungasadingekile).

Izimo - ngaso sonke isikhathi, imibhalo ibhalwa isetshenziswe ezimweni ezithile, isimo simbandakanya indawo eyendlalekile kanye neqoqekile, kuhambisana nezimo zasekuhlaleni, isikompilo kanye nezepolitiki, isimo singabuye sisho lokhu okuza kuqala noma ngemuva kwegama noma kombhalo.

Izinkomba kwingqikithi –ukusetshenziswa kwamagama azungeze igama elingaziwa ukuthola okushiwo igama. lelisu lokufunda lingafundisa ngokuhlanganyela nolwazimagama.

Ukufanisa (bheka **nokuqhathanisa**) - ukubheka indlela izinto ezehluka ngayo.

Izimiso - imithetho nemikhuba eyamukelekile olimini. Ezinye izimiso ziyasiza ukwedlulisa umlayezo (isib. imithetho yohlelo, izimpawu zokukhuluma, uhlobo oluthile lokubhala izinhlamvu nosonhlamvukazi.); ezinye zisiza ekwethuleni okuphethwe (isib. okuqukethwe, isimo sombhalo, izihloko, izenezezelo, amashadi, izihloko ezichaza indaba, izinhlu, izithombe nezinqamba, ezinye izimiso zikhombisa amaphethini olimi asaphenduka umthetho okumele ulandelwe (isib. ukubingelela nokunye).

Ukuhlola okuqhubekayo - ukuhlola imisebenzi yabafundi okwenziwa kusukela unyaka uqala uze uyophela.

Ukuqwashisa ngobumqoka bolimi - ngokuhlolisisa ukuthi umqondo wakhiwa kanjani, ukukhumbula amandla obudlelwano obukhona phakathi kwezilimi, kwenza umfundi aqine angavumi ukukhohliseka, futhi asebenzise ulimi ngokuqaphela.

Inkulumo - mpikiswano - lapha amaqembu amabili ayaqophisana. Bonke bahlose ukuheha abehlulelayo kanye nezethameli ukuthi icala labo yilo elizwakala kangcono kunalelo lelinye iqembu.

Incazelo eqondile (bheka **negudliselayo**) – incazelo eqondile yegama.

Igama elisuselwe kwelinye - leli yigama elisuselwe kwelinye, noma emsukeni; ngokwejwayelekile lakhiwa ngokuphongoza nangokujobelela izakhi

Ulimi lwesifunda/lwesigodi - ulimi olusetshenziswa ngumphakathi othile, luyehluka kwezinye izinhlobo zalo lona lolo limi ngokwamagama, isakhiwo nokuphinyiswa kwamagama.

Isakhiwo esisusa usinga - (1) indlela elandela izwi nezwi okubhalwa ngayo imidlalo. (2) ukuhleleka kwesakhiwo izigcawu nezinkundla, abadlali kanye nezimpawu zolimi emdlalweni.

Ukwakha isiphetho – ukusebenzisa umkhondo obhaliwe noma obukwayo ukuthola lokho okungagagulwanga embhalweni.

Ukulungisa amaphutha - inqubo yokuphindaphinda ubhala uhlaka lwetheksthi, kuhlangele nokulungisa uhlelo kanye nokusetshenziswa kolimi, izimpawu zokubhala, ukulungisa upelomagana, ubuye ubheke nokubhala imibono ngendlela ezwakalayo nesakhiwo silandelane kahle.

Umpfumela (bheka **isisusa**) - umpfumela wesehlakalo noma isimo.

Ulimi oluthinta imizwa - ulimi oluvusa imizwa kolalele/kofundayo.

Umlayezo osobala (uma uqhathaniswa **nocashile**) - umlayezo oqondile nosobala.

Hluza: nikeza uvo lwakho, thatha isinqumo, yakha imibono ngokufundile.

Izifengqo (njengoba kuqhathaniswa nolimi olubheka ukulandelana nje kwamagama) - amagama noma imishwana esetshenziswa ngendlela engabeki izinto obala (isib. isifaniso, isenzasamuntu, isingathekiso njalonzalo).

Ukugeleza - leli yigama elathathelwa ekugelezeni komfula elisho ukunamathelana nokulandelana okunikeza ulimi ubunjalo balo ngokwemvelo, ukusetshenziswa nokuhunyushwa kwalo kalula.

Inkundla - iqembu lingakhuluma noma liqophisane nelinye lakwesinye isikole, noma ekilasini, ngokwehlukana abafundi ngamaqembu amane, kube yilowo nalowo akhulume ngengxenywe ethile yesihloko. Owahlulelayo usezobheka ukuthi yiliphi eliphuma phambili.

Izinhlobo zemibhalo - imibhalo yehlukaniswa ngezinhlobo zawo; kungaba inoveli, umdlalo, izinkondlo, incwadi yomsebenzi noma incwadi yobungani

Ukukhuluma ngezitho zomzimba - kulapho okhulumayo esesebenzisa ubuso noma isitho esithile somzimba ukucacisa lokho akushoyo (isib. anganqekuzisa ikhanda ekhombisa ukuvumelana nokushiwoyo).

Umbhalomdwebo - umbhalo owethulwe ngemidwebo (ukudweba noma ukubumba okuthile).

Ukufunda okuholwayo – umhlangano weqembu wokufunda lapho bonke abafundi besezingeni elifanayo uthisha ngokufunda ukufunda ukuze kuye ngokukhula ukuzimela abafunda.

Ukubhala okuholwayo –kufaka umuntu oyedwa noma amaqembu amancane abafundi bebhala izinhlobo ezihlukene zemibhalo emuva kwesifundo esifishane esenziwe nguthisha ngezinhlobo zokubhala njenge: simo, izimpawu zokukhanyisa, ukusetshenziswa kolimi noma upelomagana

Imibuzo esezingeni eliphezulu – imibuzo edinga ukuthi umfundi ahlanganise ulwazi oluvela ezingxenyeni ezihlukene zombhalo (sib. Ukuhlela umqondo), ukucabangela (isib. Ukuthola lokho okungagagulwanga), ukuhlolisisa okwenzekile (sib. Nika umbono) kanye/noma ukuncoma umbhalo (isib. Shono ukuthi ukuthandile noma awukuthandanga nokuthi kungani)

ULimi LwaseKhaya (bheka **noLimi lokuQala lokwEngeza**) - ulimi olufundwa yingane ngokulingisa ekhaya, ulimi esicabanga ngalo.

Omabizwafane – amagama abizwa, apelwe ngendlela efanayo kodwa achaza okuhlukene (isib. inyanga')

Umfanekiso –isithombe noma okumele into ethile

Umfanekiso - mqondo - amagama, imishwana nemisho eyakha izithombe engqondweni; isib. Isifaniso, isingathekiso, nesenzasamuntu.

Okushiwoyo (uma kuqhathaniswa **nokucacisiwe**) yilokho okuqondiwe etheksthini kodwa kube kungabekiwe kwagqama.

Okusobala (uma kuqhathaniswa **nokufihlekile**) - ukubeka inkulumo ngendlela elula neqondile kusetshenziswa amagama njengoba enjalo.

Uhlanganisa – lo umthetho wemfundo othi umuntu unelungelo lokufunda. Okuncane okudingekayo kubafundi bonke kucacisiwe ukuze labo abanezidingo ezingavamile, izidingo ngokwemizwa nangokomzimba balungiselelwe.

Izinga lokufunda ngokuzimela – izinga lapho umfundi engafunda umbhalo ngama-95% ngokuyikho (isib. Kungabi namaphutha angaphezu kwelilodwa emagameni angama-20 afundiwe).

Ukucabangela - ukusebenzisa umkhondo obhaliwe noma obukwayo ukuthola lokho okungagagulwanga embhalweni.

Ukuhlongoza - ukuqala ukwenza into (isib. ukuqala ingxoxo)

Ukuxoxisana kwababili - umsebenzi wokuqoqa ulwazi noma ingxoxo yabantu yobuso nobuso ngenhloso ethile.

Ubuviyoviyo - (1) (ukusho ngephimbo lokucula) - iphethini lephimbo lenkulumo elibonisa izakhiwo zohlelo njengemisho nemishwana. (2) Lokhu kuphinda kusize ukwehlukanisa phakathi kwesitatimende nombuzo, kuveze nemizwa nesimo sokhulumayo.

Izindlela ezahlukene zokusetshenziswa kolimi - lokhu kwenzeka uma kukuncane kakhulu okuzuziwe olimini maqondana nolwazimagama, ukwakhekha nokuphinyiswa kwawo, lokhu - ke kuyehluka ngokwezindawo lapho ulimi lukhulunywa khona.

Amalitheresi - izinhlobo ezehlukene zemibhalo (isib. ehlohlisisayo, ebukwayo, amagrafu).

Ukwazi ukufunda nokubhala - ikhono lokwazi ukufunda nokubhala nokusebenzisa ulwazi ezimweni nangezinhloso ezehlukene, nokubhalela izinhloso ezehlukene. Ukwazi ukuguqula Imibhalo ebhalwe ngamagama angejwayelekile kube ajwayelekile, ukuze umuntu oqonde ngendawo aphila kuyo.

Incazelo eqondile (bheka negudliselayo) - incazelo yegama ngokulandelana kwamazwi

Imibuzo esizingeni eliphansi – imibuzo efuna umfundi akhumbule imininingwane, isib. obani abalingiswa abasemqoka endabeni? Ubani igama lomlingiswa osemqoka ?

Ulimi olukhohlisayo - ulimi olunamandla lokuthi umuntu akholwe futhi ebe engaboni ukuthi uyakhohliswa, isib. Inkulumo yezepolitiki, inkulumo yokuthengisa, isikhangiso njll.

Ulimi lwemibhalo - ulimi olusetshenziswa lapho kukhulunywa ngemibhalo kumbandakanya amagama afana nesimo, isitayela, isakhiwo nenkulumompendulwano.

Amasu obuciko bokukhuluma - amasu afana nokusebenzisa ikhefu, ukuphindaphinda okusetshenziswa isikhulumi sibeke inkulumo ngendlela ezwakalayo nevumisayo. Amanye amasu kungaba akhohlisayo, ukuze umuntu avumelame nawe.

Imibhalo esebenzisa izinhlobo eziningi zokuxhumana - izinhlobo zezilinganiso okungaba ezibhaliwe, ezibonwayo, imisindo amavidiyo njll.

Ifuzamsindo - lapha kusetshenziswa igama elimsindo walo ufana nomsindo lowo uchazwayo. Lilingisa umsindo owenziwa yinto ethile ephilayo noma engaphili. Lowo umsindo ofuze umsindo owenziwa enye into (Isib. UMelusi wavuswa ubugodlogodlo besitmela).

Umoya - isimo somoya embhalweni, ukhombisa imizwa noma isimo senqondo yomlingiswa, kuphinda kusho nesimo esivezwa amatheksthi abonwayo, azwakalayo kanye nalawo esebenzisa izinhlobo eziningi zokuxhumana.

Ifonti - uhlobo nobungako bezinhlamvu ezisetshenziswa lapho kubhalwa ngomshini (isib. I - 12pt (ubungako) iTimes New Roman (uhlobo nesitayela sezinhlamvu).

Ukulanda - ukusho izehlakalo ezihlangene ezikhulunywayo noma ezibhaliwe zishiwo ngokulandelana kwazo, endabeni.

Isifanekiso - (1). ukuthola ukufana ezintweni ezibukeka zihlukile. (2) ukuthola ukufana ezintweni ezibukeka zihlukile, indlela yokuchaza okuthile, kodwa akusibona ubufakazi. Qaphela isifanekiso okungesona. Kumele kube nokuqondana okucacile phakathi kwento echazwayo kanye nemininingwane yaleyo okufanekiswa nayo.

Indida - ukubeka inkulumo ngendlela ephicayo engqondweni.

Imibuzo evulelekile – imibuzo engaphendulwa ngezindlela ezihlukene; umfundi kufanele aphenule imibuzo ngawakhe amagama. Isibonelo, ucabanga ukuthi kungani umfana ebalekile? Ucabanga ukuthi bokumele enze njani?

Okzimoroni - ukusetshenziswa kwamazwi ndawonye amqondo wawo uphikisanayo, asetshenziswa ngehloso yokuveza okuthile, ngokwejwayelekile asetshenziswa nezichasiso ezichaza ibizo elimumethe umqondo oliphikisayo. (Isib. UJabulani ukhathazwa ubugqili benkululeko).

Izingxoxo zamapheneli - kwakhiwa amaqembu azoxoxisana ngesihloko, kuphendulwe imibuzo ngomsebenzi.

Isihlonipho - igama elisetshenziswa endaweni yelinye elihlambalazayo. (Isib. Ukudakwa - ukusutha, ukuhlanza - ukubuyisa).

Izwi lomxoxi - yizwi lomuntu oxoxa indaba (isib. kuyabonakala uma kungumuntu wokuqala “ngi...” okunguyena mlingiswa endabeni, noma umuntu wesithathu lapho umxoxi ekhuluma ngo “u...”, no “ba...”.

Isingathekiso - ukukhuluma ngokufanekisa izinto ezingafani ubiza into ngenye (Isib. USinenhlanhla akamuhle yilanga liphuma).

Ukuhalamuza - Ukufunda ngesivini esikhulu, ukha phezulu, ufunda izihloko ngenhloso yokuthola masishane ukuthi kuthiwani.

Ukufunisela - ukusho okuqondiwe kodwa kungacacisiwe etheksthini, uze usho nokuthi kungahle kwenzekeni ngemuva kwalokho.

Ukucwasana - ukungabekezelelani nokwahlulela umuntu noma iqembu labantu, umbono noma umbango.

Ukuzwakala - ukukhipha izwi ngokukhulumela phezulu, ngendlela ezwakalayo, ecacile nexhumana kahle nezethameli.

Ukushicilela— uma abafundi beshicilela umsebenzi wabo, bawenza waziwe ngokwabelana ngawo, isib. Ngokuwunika uthisha, ngokuwuphanyeka odongeni noma kwibhodi yezaziso.

Uteku - ukudlala ngamagama aphemiseka ngokufanayo ukuze kuhlekwe noma ukwethula izimo nezinto ngendlela ehlekisayo nekitazayo.

Irejista - ukusetshenziswa kwamagama ehlukene, isitayela, uhlelo iphimbo ithoni ezimweni ezihlukene (isib. imiqulu yakomkhulu ibhalwa kusetshenziswa irejista esemthethweni, ebekelwe izimiso).

Ukubika - (okuhlelekile nokungahlelekile), ukunikeza ulande ngokwenzekile (isib. ngengozi eyenzeke ubhekile).

Ukuphinda ufunde - ukuphinda ufunde yisu elipha nofundayo ithuba lokuthi agcine eseqonda lokho okubhalwe etheksthini.

Ukuphinda usho - leli yisu lokufunda lapho umfundi exoxa futhi, afingqe umqondo wesahluko noma wesiqephu, angakwenza ngomlomo noma ngokubhala.

Umkhondosimo - ukusetshenziswa kwegama elincike kulelo elingaziwa ukuze kufuniselwe umqondo. Leli lisu lokufunda lingasetshenziswa kanye nesifundo solwazimagama.

Umgqumo - amagama noma imigqa esebenzisa ukuvumelana kwephimbo ekugcineni kwemigqa.

Ukubhuqa - inkulamo esebenzisa amazwi aziswana ngenhloso yokucasula noma yokuhlekisa ngomuntu.

Umbhinqo - ukusebenzisa amazwi achaza okuthile kepha kube kuqondwe okuphambene nawo. Kusuke kusetshenziswe amazwi okuncoma kuqondwe ukugxeka (Isib. Kuyabonakala ukuthi bekuhlala inono kule ndlu yiko kungcolile: kuqondwe ukuthi bekuhlala inuku).

Ukufunda ngokukha phezulu - ukuhambisa embhalweni ukuze uthole imininingwane ebalulekile yokwesekela (isib. ukufunda ngokushesha umqulu wamagama nezinombolo zezingcingo).

Ukufunda ngokuhlanganyela – umsebenzi lapho abafundi befunda ngokuhlanganyela umbhalo okhulisiwe nothisha. Lesi isifundo sekilasi lonke.umbhalo osetshenziswayo uqonde iqembu eliphezulu ekilasini.abanye abafundi bazoba sezingeni lokulalela, abanye bazobe beqala ukufunda kanti abaningi bazobe befunda ngokuphelele. Lo mbhalo uzosetshenziswa izinsuku eziningana.njalo ngosuku uthisha uzokhetha okusha okuzogxilwa kuko. umbhalo usetshenziselwa ukwethula isimo sombhalo, imisindo, ukusetshenziswa kolimi kanye namakhono okufunda engqikithini.

Isifaniso - lapha kuqhathaniswa izinto ezimbili ezingafani ngoba kukhona okuthile okunobudlelwane phakathi kwazo. Sandulelwa yizakhi zokufanisa o - njenga - , fana, kuhle, okwe - , - sa - (UThuthukile muhle kuhle kwelanga liphuma).

Ukufunda ngokushesha - ukufunda umbhalo ngesivivini esikhulu ukuze kutholakale umqondo osemqoka (isib. ukufunda izihloko, izingeniso nezigaba zokuqala zephephandaba ukuze wazi izindaba ezisemqoka).

Inkolelo engaguquki - lena yinkolelo esezimpandeni maqondana neqhaza okumele libanjwe ngumuntu othile.

Icebo - indlela ethile yokwenza noma yokulungiselela ukuxazulula inkinga.

ukugcizelela (egameni noma emushweni) – ukugcizelela ilunga elithize egameni noma igama emushweni.e

Isitayela - indlela umbhali ahlela ngayo amagama ukuze afeze izinhloso ezithile. Isitayela sihlanganisa ubunjalo bombhali nombono afuna ukuwubeka. La malungiselelo ambandakanya ukukhethwa kwamagama wumbhali kanye nezakhiwo nobungako bemisho, iphimbo, nokusetshenziswa kombhinqo.

Uphawu - igama elithatha noma limela indawo yenye into

Omabizwafane - amagama abhalwa ngokufana aphinyiswe ngokufana, kodwa asho izinto ezingefani. (isib.

Ibala - igceke, **ibala** - isibazi).

Ukuhlelwa kwemiqondo - ukuhlanganisa imiqondo/imibono ethathwe emithonjeni yolwazi eyahlukene. Isifengqo saleyo mibono ehlanganisiswe.

Umbhalo - isitatimende noma okuqanjwe okwethulwa ngomlomo, okulotshiwe noma okubukelwayo ngenhloso yokuxhumana.

Ingqikithi - umongo walokho okuxhunywana ngakho. Itheksthi ingaba nomongo ongaphezulu kowodwa, futhi kungenzeka ungabi sobala.

Iphimbo - iphimbo ledlulisa umyalezo wamatheksthi ethulwa ngomlomo. Ematheksthini alotshiwe iphimbo lizwakala ngamagama awakhethile umlobi ukuze aveze isimo sakhe. Ezithombeni zebhayisikobho iphimbo lingakhiwa ngomculo noma indlela umdlalo ohleleke ngayo esiteji.

Imibhalo edlulisa imiyalezo – imibhalo yomsebenzi (isib. izincwadi, amaminiti emihlangano, imibiko, imibhalo eyenziwe ngezikhahlamezi)

Ukunikezelana amathuba - izinqubo ezizimase ukunganqamuki kokuxhumana kwabantu ababili, njengokunikeza abanye ithuba lokubeka imibono yabo, ukuphinda okushoyo ukuze okuqondiwe kucace, ukungena nxa kusaxoxwa ukuze kubuyiswe abedukayo, ukwenanela ngemibuzo ukuze kucaciswe okuthile.

Imibhalo ebonwayo - izinto ezibonakalayo ezedlulisa umlayezo (isib. imifanekiso yamafilimu, izithombe, okugqanyiswa ngekhompyutha, izilinganiso amakhathuni kanye nemidwebo yokupendiwe).

Izwi - indawo yomlobi, ngenkathi kufundwa kubukelwe, ofundayo uyakwazi ukuthola umbono wombhali kanye nenhloso yakhe.

Isu lokuhlakaza amagama - isu elisetshenziswa uma kufundwa amagama angaziwa (isib. Ukulinqamula igama ngamalunga kuphinde kubhekwe iziphongozo nezijobelelo zalo, kufuniselwa incazelo).

